


UMBHAPHATHIZO WAMANZI

 . . . futhi konke esikwenzayo kufanele kwesekeleke phezu komBhalo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . . ibandla elikatolika,” washo lokho, “ngobuqotho bakho na?”

“Awu,” ngathi, “Ngingumkatolika.”

Ngathi, “Yebo?”

² “Awu,” ngathi, “manje, ngokwemfundiso yebandla eliKatolika, ukuthi ‘uJesu Kristu wasungula ibandla eliKatolika, nabaphostoli babengabapristi baKhe bokuqala, noPetru wayenguphapha wokuqala.’ Lokho kungokwemfundiso yebandla eliKatolika, nokuthi ‘LeliBhayibheli lalotshwa ngebandla eliKatolika lasekuqaleni, awu, futhi khonake ibandla eliKatolika linamandla okuguqula noma yini abayifisayo, ngoba bayibandla.’”

³ Futhi ngathi, “Kusukela ezinsukwini zasekuqaleni, lokho, nonke nikushintshile. Nifake esikhundleni ukufafaza noma ukuthelwa, ekucwilisweni. Nafaka isidlo esingcwele esikhundleni sikaMoya oNgcwele.” Ngase ngithi, “Ngingomunye nje wekatolika eliyifeshini endala elihlala neNkolelo yasekuqaleni, leyo emayo.” Ngathi, “Into exakile ngukuthi, ukuthi uPetru, enguphapha wokuqala, wathi, ‘Akekho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kodwa lowoMuntu, uJesu Kristu.’ Futhi namhlanje nonke ninoMariya noCecilia oNgcwele, namakhulu abesifazane ofile, kanjalonjalo, ukuba babe ngabanxuseli. Kukhona okwenzekile phakathi kukaphapha wokuqala nalophapha, niyabo, uma kungashintshi noma kungaguquki.”

⁴ Ngathi, “Khona-ke futhi, nenzani ngoPawulu oNgcwele, owayengongcwele omkhulu weBandla elikatolika lasekuqaleni, owathi, ‘Uma iNgelosi evela eZulwini ishumayela noma yiliphi elinye ivangeli kunaleli eselivele lishunyayeliwe, mayibe ngeqalekisiweyo na?’” Futhi ngathi, “Kuthiwani ngoJesu Kristu Owasungula iBandla elikatolika, ngathi, ‘Uma noma yimuphi umuntu eyosusa noma yiliphi iZwi kuleliBhayibheli, noma enezele noma yini kuLo, okufanayo kuyosuswa e, ingxenye yakhe, eNcwadini yokuPhila na?’”

⁵ Ngakho-ke zonke izinto esizenzayo, ngombono wami, njengekholwa leBhayibheli, kufanele kwesekeleke phezu kwemiBhalo. Zonke izambulo, yonke imibono, yonke into, ifanele isekeleke ngesizotha phezu komBhalo, ngokuba Leso yisisekelo esiphumule kuso njengo-ISHO KANJE INKOSI.

⁶ EmiBhalweni, asitholi lapho abake bafafaza khona noma bathela, noma babahlukanisela abantwana abancane

ngaleyondlela. Kodwa emBhalweni, sithola ukuthi baletha izinsana kuJesu, ukuze Azibusise. Futhi Wazigona ngezingalo zaKhe wayesethi, “Vumelani abantwana beze kiMi, futhi ningabengqabeli, ngokuba umbuso weZulu ungowabanjalo.” Futhi Wababusisa abantwana abancane. Futhi yilokho kuphela umBhalo olotshiwe mayelana nakho. Yileyondlela esizama ngayo ukuqhubeka. Manje uma i . . .

⁷ Njengasebandleni leMethodisti, nebandla lamaNazaretha, namanye amabandla amaningi ane in- . . . Angicabangi ukuthi ibandla lamaNazaretha liyakwenza. Ibandla leMethodisti liyakwenza, nabaningi babanye noma abacabangi beVangeli, lokho kuyabapha abantwana abancane amagama emva kombhaphathizo ngokubafafaza.

⁸ Manje, lokho kulungile, noma yisiphi isimo ofuna ukubanikela kuso, kodwa ukuze nje uqiniseke ukuthi asibeki amanzi phezu kwabo. Sibeka izandla nje phezu kwabo, sizama ukulandela isibonelo seNkosi yethu. Futhi yileyondlela esifuna omama bakuqonde ngayo lokho, kungani singabafafazi ngamanzi, ngoba asinawo umBhalo walokho. Asinawo umBhalo wokufafaza amanzi kubantu abadala noma abantwana.

⁹ Ngakho, umntwana usemncane kakhulu ukuba abhaphathizwe. Futhi umbhaphathizo ungukuzwakalisa kwangaphandle ukuthi umsebenzi wangaphakathi womusa wenziwe. Nomntwana akakwazi ukukuzwakalisa, ngoba akukaze kube khona umsebenzi wangaphakathi womusa, niyabo, ngoba yingane nje.

Ngabazali beletha ingane kuNkulunkulu Owabanika umntwana, bemubuyisela kuYe ekubusisweni. Ngakho, sikusebenzisa kanjalo-ke lokho lapha.

¹⁰ Manje bazoletsa abanye abafu abancane ukuba babusiswe. Ngizocela udade uma engasinika nje indlela encane opiyaneni, yelithi *Bangeniseni*, ngiyakholwa, uDadewethu Gertie noma ngabe ubani inenekazi elilapha.

Futhi ngakho, ngenkathi ngaphambi nje kokuba senze lokho, asibe nezwi lomkhuleko komama nabantu abaletha abathandekayo babo.

¹¹ O Nkosi, ngempela singabantu abanenhlanhla, ukuhlala ezweni lapho sisenenkululeko yokukhonza, ukuthi lapho sinohulumeni osivikelayo futhi asinike lelifa esiliphiwe nguNkulunkulu; ukuthi asidingi ukuba sihambe ngokwebandla lombuso noma uhlobo oluthile londlovu kayiphikiswa, kodwa singeza kuWe ngendlela esinelisekile ngayo enhliziyweni yethu. Sikhulekela ukuthi lokhu kuzohlala isikhathi eside, kuze kufike uJesu, uma kunjalo ngendlela yaKho ehlinzekiwe.

¹² Futhi manje abaningi babantu baletha abantwana babo abancane, usuku nosuku, neviki neviki, njengoba Ubanikela ezingalweni nokunakekela kukayise nonina. Bayabaletha,

Nkosi, kithi, njengamalunga amadala lapha ebandleni. Futhi thina, ngomkhuleko, sibanikela kuWe. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzothatha ngayinye yalezizithandwa ezincane, kulokhu ukusa, futhi zizohlukanisela izimpilo zazo kuWe. Busisa amakhaya abavela kuwo. Kwangathi uyise nonina banganikelwa kakhulu kuWe, ukuthi abantwana bazokhuliswa emakhaya amaKristu, ukuKukhonza zonke izinsuku zokuphila kwabo. Sihlanze kulokhu ukusa, Nkosi, njengoba beletha lamawundlu amancane angenacala, khona impela ukuqhakaza kwenhliziyo yabo. Kodwa babafuna ukuba babe nokuPhila okuPhakade, futhi bacela Wena, O Nkulunkulu, ukuba ubavikele nokuba ubagcine, futhi ubaqondise baze bakhule ngokwanele ukuthi singakhuluma nabo futhi sibancenge ukuba bemukele iNkosi uJesu futhi bemukele ukuPhila okuPhakade. Lokhu sikwenzela inkazimulo kaNkulunkulu, ngokweZwi laKhe, eGameni leNdodana yaKhe, iNkosi uJesu. Amen.

¹³ Manje ngenkathi omama beletha, nobaba, beletha abancinyane babo phezulu lapha ukuba babusiswe, udade uzodlala. Lethani nje abafu abancane futhi nime ngqo ngase-altare lapha, ngakulaba abancinyane osevele benikelwe. Kulungile.

¹⁴ Masinya okulandela lenkonzo kuzoba yinkonzo yombhaphathizo. Futhi ngenkathi besabaleta, ngingahle ngimemezele, qinisekani ukuthola abathandekayo benu lapha manje, kulentambama ngesithupha, phakathi kwelesithupha nelesithupha ligamenxe bazobe benikezela ngamakhadi omkhuleko. Nezinkonzo zizobe ziqala, ngiqagele, ngesikhombisa, ligamenxe elesikhombisa.

¹⁵ Kulungile, mnumzane. Sondelani nje ngqo nisondele nabancinyane, uma nithanda. Ngibona omama bekipha ikhamera yabo lapha. Niyazi ukuthi omama bacabanga kanjani ngabancane.

Bangaki othanda abantwana abancane na? O, he! Ngangivame ukuzwa laba abancinyane becula, *UJesu Uyabathanda Abantwana Abancane BeZwe*.

¹⁶ Ingabe unguDadewethu Grimsley na? [UDadewethu Grimsley uthi, “Yebo. Yebo, lona ngumzukululu wami omncane.”—Umhl.] Umzukululu wakho. Angazi noma uMeda usengenile yini ebandleni okwamanje, noma qha. Safunda ephapheni, esikhathini esithize esedlule, futhi wangishayela ucingo futhi wangitshela ukuthi uDadewethu Grimsley wayefile lapha edolobheni. Futhi samangala. Kwase kuthi-ke ngenkathi ngifika ekhaya futhi ngaya esontweni ngaleloSonto, nakhu wawuhlezi endlini yokukhonzela. Ngase ngithi, “Awu, ungowesifazane ofile ophile ukwedlula bonke esengake ngambona.” Ngakho kufanele ukuthi kwakungomunye udade, Nkk. Grimsley. [“Kunjalo.”] Yebo, mem.

¹⁷ Manje ngifuna ukucela uMfowethu Neville nabanye bamalunga amadala uma bezoza ngaphambili ngalesisikhathi, futhi bame lapha ekubusisweni. Uma...Abanye benu bafowethu abangabefundisi lapho, njengamalunga amadala, wozani ngaphambili ngqo, Mfowethu noMfowethu.

¹⁸ Manje, ngamunye wenu bomama nobaba, nogogo nomkhulu, banikela kuNkulunkulu lamagugu amancane ayigugu uNkulunkulu akunike wona, ukuba abusiswe, ubanikela kuNkulunkulu owakunika bona. Kwangathi umusa waKhe nesihawu kungaba nani njalonjalo, ngumkhuleko wami.

¹⁹ Ngabe uMfowethu Collins useduze na? Noma, umfowethu, noma...[UMfowethu Neville uthi, “Ngibona uMfowethu Collins.”—Umhl.] Akeze ngaphambili uma ethanda, lapha ngalenkongo, uma...Ungomunye wabelusi esibambisene nabo lapha, bebandla, futhi singathanda ukuba naye lapha ngomkhuleko, ekanye nathi, uma kungenzeka.

²⁰ Manje, niyazi, ngezinye izikhathi...Laba bafo abancane, abazange bakwenze lokhu, ngakho bangabasekuqaleni nje. Futhi ngezinye izikhathi bayanswininiza futhi bakhale, kodwa lokho kubenza nje izingane ezinhle, akukwenzi na? Ngakho, asikuqapheli lokho. Ngakho uma bekhala kumbe noma yini, khumbulani, lokho akukhathazi nhlobo. Sengathi ngiyabona abanye babancane abakhushulelwa eNkosini uJesu, bathi ukukhala kancanyana, nabo, niyazi, ngoba kuhlala kungaleyondlela. Abafo abancane, bayaphazamiseka lapho beyiswa ngapha nangapha, futhi abanye kade behlezi lapha ekamelweni elishisayo, ngakho, asikuqapheli lokho. Kulungile.

Sizo...Woza ngaphambili.

²¹ Futhi ubani igama layo manje na? [UDadewethu Grimsley uthi, “U-Etienne Renee Bennett.”—Umhl.] UTina Renee Bennett. UTina Renee Bennett omncane, uogo uyiletha ukuba ibusiswe. Impela yingane encane ethandekayo.

Asikhuleke.

²² Nkosi, baletha ezandleni zenceku yaKho lengane encane ethandekayo esiyikhulekelayo, siyinikela kuWe. Nkulunkulu, busisa lomntwana omncane, futhi kwangathi angaphila futhi aKukhonze. Busisa abazali bakhe nogogo nomkhulu bakhe. Futhi, Nkosi, uma likhona ikusasa, kwangathi kungaba yinceku yaKho enkulu. Siphe khona, Nkosi, njengoba simethula kuWe. NgeGama likaJesu, memukele. Amen. INkosi ikubusise, dadewethu.

UCynthia Lee Cannard omncane, esinye isigaxa esincane esithandekayo...He, ungumuntu omncane impela. Uyisithandwa na? Asikhuleke.

²³ Nkosi, siletha kuWe lolusana oluncane, futhi njengoba lubekwe lusuka ezingalweni zabathandekayo layiswa

kwezami ekubusisweni okungcwele, nokwehlukaniselwa kuNkulunkulu... Omncane usemncane kakhulu ukuba azi, kodwa abathandekayo bamulethile. Makaphile, Nkosi, futhi aqine futhi abe nempilo yonke impilo yakhe. Busisa abazali bakhe, ogogo nomkhulu bakhe, nabo bonke abathandekayo bakhe. Kwangathi, eNkazimulweni, bonke bangabuthana ndawonye ngalolosuku lapho sihlangani naWe. Mucine ephilile futhi ejabule. Sikunikela kuWe ekubusisweni ngomkhuleko, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

INkosi ikubusise.

²⁴ Ngowakho lona na? Ungubani lomfo omkhulu na? UCarl Christian Stall, uCarl Christian Stall omncane. Yindodana engumzukululo kaMfowethu McDowell. Ngakho ungumfana obukeka kahle. Ngikhulekela ukuthi uma likhona ikusasa, uzoba ngumshumayeli weVangeli. Asikhothamise amakhanda ethu.

²⁵ Nkosi, njengoba lomkhulu efake ezingalweni zami lesisigaxa esincane sothando, ngikhuleka kuWe, Nkosi Nkulunkulu, ukuthi Uzothatha lolusana oluncane ulufake ekunakekeleni kwaKho, futhi uluvumele luphile, futhi lukhule, futhi luqine, futhi lunempilo. Kwangathi, uma kufika ikusasa, kwangathi lingashumayela iVangeli, ukuthi thina esilunikelayo kulokhu ukusa sikholwe kuye. Kwangathi impilo yalo encane ingabusiswa ngokucebile. Busisa abazali balo, ogogo nomkhulu balo, nokhokho balo. Sikhulekela ukuthi izibusiso zaKho ziphumule phezu kwalo. Ngokuba thina manje ngomkhuleko wokuzahlukanisela, sinikela lengane kuWe, O Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

²⁶ Okuncane okunamandla... Uxolo, wena umama na? Siyakuhalalisela. Enhle kanje pho...?.. Ubani igama layo elincane na? USherly Ann Baldwin. Wena umama na? Awu, lokho kuhle. Shirley, uyintombazane encane ekahle. USherly Ann Baldwin omncane. Manje, unamahloni kancane nje; ungakusho lokho. Ngicabanga ukuthi umama wakhe naye waye...?.. Ngisanda kuhlangani nabo nje ngi—ngiyazi ukuthi ku... Sizohambisana kanje... O, ingencane, intombazanyana enhle, ngiyakholwa. Iyisithandwa. Asikhuleke.

²⁷ Nkosi, siletha kuWe lomntwana omncane. Umunwe wakhe omncane emlonyeni wakhe, O Nkulunkulu, akazi ngisho nokuthi uyini umcabango wesono. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa impilo yakhe encane futhi yenze inothe futhi ibe ngeyasebukhosini. Busisa unina osemncane lapha, uyise, ugogo nomkhulu, nabo bonke abathandekayo bakhe. Futhi njengoba sikunikela kuWe ekubusisweni okunesizotha komkhuleko, kwangathi Ungamvumela aphile, futhi akhule, futhi aqine, futhi abe nempilo, futhi abe yisibonelo ezinsukwini zakhe zobufazane obusha ukukhonza iNkosi uJesu. Siphe khona, Nkosi. Ngikholwa ukuthi ngabancinyane njengoba Wabeka

izandla zaKho phezu kwabo futhi wabusisa. Sicela lokhu ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, njengoba simnikela, futhi simehlukanisela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, ngicabanga ukuthi uyintombazane encane enomoya omuhle, enamahloni, kodwa enomoya omuhle. UNkulunkulu akubusise. Ngiyakuhalalisela ngengane enhle.

²⁸ Manje, mhlawumbe kudala, ngangingaqukula intombazanyana kanje. Ubani igama lakho na? [Udade uthi, “Sharon Diane Bayle.”—Umhl.] Ngi... Ubudlelwano nomunye na? E-hhe. Bayle, esondele ngempela. Ngifuna nonke nibone lentombazanyana, ngoba iyinto encane enomoya omuhle kakhulu. Ngizodingeka ngiyiphakamise kancanyana nje. Intombazanyana enhle kakhulu... Ngicabanga ukuthi kwakuyizinto ezincane kanje uJesu abeka izandla zaKhe phezu kwazo. Izandla zethu azifaneleki kanjani. Kodwa uma ufuna izandla ezifaneleyo, ubungeke ukuthole. Asifanelekile, kodwa sibiza isithembiso saKhe ngomusa. Igama layo futhi na? USherry Diane Bayle. Asikhuleke.

²⁹ Nkosi, siletha lomntwana omncane kuWe, onomoya omuhle, omuhle. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa impilo yakhe encane. Kwangathi angaphila abe ngowesifazane onamandla ogcwele umusa namandla. Kwangathi angaba nendawo endabeni enkulu yokuhlelwa ukwenzela uMbuso kaNkulunkulu okuthize. Busisa unina omncane, ubaba, ugogo nomkhulu, nabo bonke abathandekayo bakhe. Futhi uma umphilela... kuze kube usuku lwakhe lu, kwangathi angaba yisisebenzi saKho. Manje, simnikela kuWe ngendlela yokunikelwa ngokuhlukaniselwa, ngendlela yomkhuleko, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Busiswa, s'thandwa, intombazanyana enhle, enhle.

³⁰ Uzoba ngumfundisi naye na? Kulungile. Futhi ubani igama lakhe na? UJohn Michael Daulton. Manje, niyazi nginekhawa elincane emuva lapho elicishe libe ngangawe, John Michael omncane. Awu, lokho kuhle. Uyise lapha ungumfundisi, ngikhohla ukuthi kunjalo. Wawungeyena umfundisi weBaptisti na? Ilunga nje lebandla lamaBaptisti. Kunjalo. Asikhuleke.

³¹ Nkosi, siletha kuWe lomfana omncane. Angazi ukuthi yini engiyiphethe ngezingalo zami. Kanjalo nomama wayengazi ngenkathi ezalwa, nezandla zakhe ezincane zamphulula ubuso bakhe, noma bukababayi owavuvukala isifuba sakhe ukwazi ukuthi wayenendodana. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi lomntwana uzoba ekudunyisweni nasenkazimulweni kaJesu Kristu. Simletha kuWe manje ngokunikelwa ngomkhuleko wokwahlukanisela, ukuthi Uzosebenzisa impilo yakhe encane enzela inkazimulo yaKho. Ngokuba simnikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa. Umfana omuhle... .

³² Lomfo omncane na? O, ngabe lodade uDaulton na? Robert Anthony. UDadewethu Daulton. Awu, ngiyajabula ukuhlangana nawe, Dadewethu Daulton. Bengimazi kahle umyeni wakho; ngiqagele ngikubonile. Lona nguRobert Lee na? Ini? Robert Anthony. Kulungile. O, awusho, he! Amafutha aseNingizimu awakwenzanga *lokho* kuye. Ungumfana okahle, umfo omncane obukeka kahle. Asikhuleke.

³³ Nkosi, siletha kuWe lomfana omncane ukuba abusiswe, ukuthi umama umlethile nobaba. Futhi sikhulekela ukuthi Uzongwelisa impilo yakhe encane, Nkosi, enkonzweni yaKho. Kwangathi angaphila futhi abe yindoda enkulu, eqinile, ngokwenyama, ngokomoya. Siphe khona, Nkosi. Futhi manje, simnikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Ngiyanihalalisela ngabafana ababili abakahle. Futhi ngithemba ukuthi bobabili bangabashumayeli, uma iNkosi ilibala.

³⁴ Nangu omunye umfana. Ungasho ukuthi ungumfana olungileyo, indlela ahlukhanisa ngayo izinwele zakhe. Ubani igama lakhe na? URobert Samuel Bates. Manje, angazi. Ungumthwalo impela. Mm, he! URobert Samuel Bates, umfana okahle. Asikhuleke.

³⁵ Nkulunkulu othandekayo, siletha kuWe lomfana omncane, futhi sibona ukuthi usesondela ekubeni yibhungu. O, izicupho udeveli azibekele umfo omncane. Zedlule, Nkosi. Kwangathi umfana omncane angalokothi ahambe endleleni yokungalungi, kodwa kwangathi umkhuleko wokubusiswa kulokhu ukusa, nokukholwa kwabazali kanye nathi, ubangele impilo yakhe encane ukuba ishukunyiswe ngaseKalvari. Siphe, O Nkosi, ukuthi uzophila futhi akhule, futhi abe yindoda enamandla, ekahle. Uma kuyintando yaKho, makashumayele iVangeli kusasa, uma libakhona ikusasa. Manje simnikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu iNdodana yaKho. Amen. UNkulunkulu akubusise.

³⁶ Lowo ngumfowethu nodadewethu na? Awu, lokho kuhle kakhulu. Sawubona? Manje, nangu umfana okahle futhi. Ubani igama lakhe na? USidney, uSimminer, uSumner. UDwight Sumner. Kwakukhona umshumayeli omkhulu ngesinye isikhathi owethiwa ngoDwight. Hhe? Umshumayeli omkhulu. Ubani owaziyo ukuthi igama lakhe lalingubani na? UDwight Moody. Kunjalo. Engafundile, umthungi wezicathulo omncane, kodwa wathumela imiphefumulo eyisigidi kuJesu. Kwangathi uDwight omncane angenza okufanayo. (Nakhu lapho ukhona.) O, ungumfana okahle, umfo omncane obukeka kahle, ubukeka njengomshumayeli. Asikhothamise amakhanda ethu.

³⁷ Nkosi, siletha kuWe, lomfana omncane, obekwe esuka ezingalweni zabathandekayo eya kwezethu. Futhi ekukholweni

nasekukholweni eBhayibhelini, nakuKristu weBhayibheli sinikela lomfana omncane kuWe, ukuthi ukuphila kwakhe kuzosetshenziselwa inkazimulo kaNkulunkulu. Busisa ikhaya lakhe, abazali bakhe, abathandekayo bakhe, futhi kwangathi angaphila futhi aqine. Futhi uma kuyintando yaKho, yenza umfundisi ngaye wakusasa, uma lelo kusasa lizoba khona. Kodwa emikhulekweni yethu, ngobuqotho, ngemikhuleko ehlukiselwe yena, simnikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Ungumfana okahle. Ngiyabonga, bazalwane.

O, angazi, kukhona okuthize ngalabobafo abancane, lokho nje okukwenza uzizwe ukahle ngempela. Niyazi, siye sa . . .

³⁸ Ngingentombi encane lapha. Inamahloni, yacwila phansi ngqo ngaleyonkathi. Ngiyibiza ngo “Cookie.” Ivela ezansi eGeorgia, lapho ngehlela khona ukuba ngibe nehlide noyise maduze nje, ukuyodoba. Nesizathu ngiyibize ngoCookie; emva kokuba unina eneziteki cishe ezimbili noma ezintathu ezigcwele iT-bone ethoselwe mina lapho ngifika ekhaya, futhi ngangidlile ngaze nje angibange ngisakwazi ukudla, lokho kupheka okuhle kwaseNingizimu; uza namakhekhe agcwele isandla. Kwadingeka ngiwadle, futhi. Ngakho, ngayibiza ngoCookie. Uyintombazane ekahle.

³⁹ Bonke laba abancinyane, nonke niyayithanda iNkosi na? He, lokho kuhle! Kanye esikhashaneni, ngishumayela nje kubantwana abancane, niyazi. Bangaki owayelapha ngenkathi ngxoxa indaba ngoMose omncane na? Niyazi, lowomkhumbi omncane, niyazi, ukuthi lengane encane yayifihlwe phakathi kuwo. Niyakukhumbula lokho na? Futhi nonke yenyukani nizungeze i-altare futhi—futhi ninikele impilo yenu eNkosini uJesu. Manje, namhlanje sigubha ukuvuka kwaKhe. UsaMthanda na? Nonke nina eniMthandayo, phakamisani izandla zenu, nina bafana abancane namantombazane lapha. O, kuhle kanjani! Lokho kuhle, amaphesente ayikhulu! Futhi ngiyakukholwa lokho, nami, ngayo yonke inhliziyoyami, ukuthi bayaMthanda.

⁴⁰ Manje siyeza manje nje okwenkonzo yombhaphathizo; asazi neze ukuthi bangaki ozobhaphathizwa. Kuyingxenywe yeVangeli. Umlayezo wovuko wawungukuthi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayeke iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakuhlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela, abakholwayo,” njengoba sifundelwe kulokhu ukusa, kuMarku 16. Manje sizofunda eminye imiBhalo yom—umbhaphathizo wamanzi.

⁴¹ Manje, kunabantu abaningi, namabandla, afafaza amanzi kubantu. Amaningi amabandla ayakholelwa kulokho. Futhi yileyo ndlela, ngani, lokho kulungile. Abaningi bathela

amanzi phezu kwabantu, bavele bawathele, bakhuphule amanzi bese bewathela ekhanda labo. Awu, lokho ku—lokho kulungile, niyabo. Kungukuzinikela. Kungu—ngu—ngukuvezwa ko—kokuzwakalisa kwangaphandle ukuthi umsebenzi wangaphakathi womusa sewenziwe. Ngakho, anginalutho engingalusho olumelene nalokho, niyabo.

⁴² Kodwa, emiBhalweni, babhaphathizwa ngokucwiliswa phansi ngaphansi kwamanzi. Ngakho, ngakho-ke, njengoba ngingumkatolika oyifeshini endala, kungcono ngihambe ngendlela nje iBandla eliyifeshini endala elakwenza ngayo, niyazi, ngokucwiliswa, umbozwe.

⁴³ UJesu wabekwa uphawu ngokuphelele, Wabekwa phansi emhlabathini, netshe elikhulu lagingqwa phezu kwethuna, “Wembelwa, Wathwala izonzo zethu waziyisa kude le,” ngakho-ke, sikholwa *lokho*, okwenziwa ngabanye, lokho kulungile, asinakuphikisana nabo, kodwa, ngokwethu, sikholelwa ekucwilisweni.

⁴⁴ Futhi manje senza lokhu ukucwilisa ngokweziFundiso zasekuqaleni zabaphostoli zeBandla. Abanye balabo abacwilisayo, nokho namhlanje, basuka e—esikweni lokuqala leNkolelo yabaphostoli. Ekuqaleni, umbhaphathizo wokuqala owake wabhaphathizwa emva kwePhentekoste, kwakungukubhaphathizwa eGameni le “Nkosi uJesu Kristu.” Futhi wonke umbhaphathizo kamuva wawu, wonke umuntu, wabhaphathizwa eGameni le “Nkosi uJesu Kristu.”

⁴⁵ Futhi abanye babantu, sizofunda emzuzwaneni, ababhaphathizwa ngokucwiliswa, nguJohane umBhaphathizi, kukho nje ukuphenduka, kungesikho ukuthethelelwa kwezono. Futhi babefanele beze futhi baphinde babhaphathizwe futhi, eGameni likaJesu Kristu, ukuze bemukele uMoya oNgcwele.

⁴⁶ Manje, namhlanje, sifake esikhundleni iZenzo, noma, uMathewu 28:19, lapho uJesu Kristu ayala khona iBandla laKhe, “Ngakho hambani niye ezizweni zonke, nibafundise ukugcina konke eNginifundise khona; nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” UPetru, ezinsukwini eziyishumi kamuva, wabayala ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Futhi, akukho-muntu, akukho-muntu eBhayibhelini owake wabhaphathizwa egameni lika “Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Akukho emiBhalweni, akekho owake wabhaphathizwa.

⁴⁷ Bese kuthi-ke omunye ubengathi manje, niyabo, lagcotshwa njengebandla eliKatolika, ukukholwa olwethu ukho-... noma, *Amaqiniso OKholo Lwethu*, encwadini yamaKatolika, amaqiniso okukholwa kweKatolika, kuyasho ukuthi, “amaProtestane ayawuqonda umbhaphathizo wethu.” Isifundabhishobhi seKatolika, e...ciske ngesithupha-...ciske ekhulwini leshumi nane, wabhaphathiza indoda, ngokuyifafaza,

egameni lika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” kodwa akusiwo umBhalo wakho. Ibandla; uWesley uyaphuma, noLuther, nento efanayo, ebandleni eliKatolika. Abanye babo basalokhu bephethe ikhathekizima lamaKatolika, abanye basalokhu bephethe isiVumokholo sabaPhostoli, kanjalonjalo, abaphuma ebandleni eliKatolika. Okungukuthi, uma uNkulunkulu enza umKristu ngomuntu, kanjalo, anginalutho engingalusho olumelene nakho. Niyaqonda, niyabo.

⁴⁸ Kodwa, kimi, ngifanele ngibe yikatolika eliyifeshini endala, ngifanele ngihlale nalokho iBandla lasekuqaleni elakwenzayo. Futhi ngifanele ngibhaphathize ngendlela iBandla lasekuqaleni elalibhaphathiza ngayo, eGameni le “Nkosi uJesu Kristu.” Futhi manje sizama ukugcina lokho.

⁴⁹ Manje, ukuze ngisho lokhu, kuMathewu 28:19, uJesu wathi, “Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele.”

⁵⁰ Awu, manje, omunye wabo, Akazange athi, “egameni likaYise, egameni leNdodana, egameni likaMoya oNgcwele.” Wathi, “eGameni,” ubunye. Izifundiswa ezinkulu njengoScofield nalabo, nesiGrecki sasekuqaleni, konke, nakuzo, onke amahumusho, kuse “Gameni.” Hhayi amagama noma “egameni likaYise, egameni leNdodana.” Kungukuthi “eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele!”

⁵¹ Awu, uYise akusilo igama, kanjalo neNdodana ayilona igama, kanjalo noMoya oNgcwele awulona igama. Yiziqu eziya eGameni elilodwa. Niyabo, linye iGama! Khona-ke uma... Isambulo esizama ukusiletha kini impela kufanele ukuthi kwakuyisambulo esifanayo abaphostoli ababanaso ngenkathi bema ngakuYe, beMlalele enikeza lokho kuthunywa.

Omunye wathi, “Awu, angikhathali ukuthi abaphostoli benzeni, uJesu washo *lokhu!*”

⁵² Uma abaphostoli bengaMlalelanga, khona-ke imiBhalo inephutha. Ufanele wenze imiBhalo iphelele, kungenjalo ayilutho. Ngukuthi Lonke iZwi liqinisile noma alikho nelilodwa laLo eliqinisile. Angazi ukuthi yikuphi obekungaba ngokuqinisile uma Lonke lingaqinisile. Uma ingxenye yaLo ingaphefumulelwe, khona-ke konke okwaLo kungahle kungabi njalo. Kodwa akukho kuphikisana emiBhalweni.

⁵³ Ngakho uma uPetru athi, “Phendukani, futhi nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu,” futhi bonke emva kwalokho wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, noJesu wathi, “Hambani, nibhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” lokho ngukuphikisana okungenalutho, kubukeka kanjalo, kodwa akusikho, uma nje nizokwazi.

54 Niyakhumbula, “ImiBhalo ifihliwe emehlweni abahlakaniphile nabafundi.” Benikwazi lokho na? “Nokwembulwa.” UmBhalo awuziphikisi Wona uqobo, Uzimemezela Wona uqobo kuphela.

55 Manje, uma nizobuyela emuva, uma benifunda indaba, njengoba nishilo, “UJohn noMary baphila ngokujabula njalo kamuva,” njengabanye benu, sonke sinecala lokufunda izindaba, futhi uma ubungazi ukuthi uJohn noMary wayengubani, into kuphela ongayenza ngukubuyela emuva ekuqaleni kwencwadi, futhi ufunde konke futhi uthole ukuthi uJohn noMary wayengubani.

56 Uma uJesu abayala ukuba babhaphathizwe eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, noYise akusilo igama, neNdodana akusilo igama, noMoya oNgcwele akusilo igama, kungcono sibuyele emuva futhi sithole ukuthi uBani uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, nokuthi ungubani iGama laWo.

57 Ngakho uma beningaphenya kanye nami, esahlukweni 1 sikaMathewu, njengoba beningenza kunoma iyiphi incwadi, Lathi, “Manje. . .” liqala ngezizukulwane, Lathi, “Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba nje, ngenkathi unina waKhe, uMariya, esemiselwe uJosefa. . .” bethembisene, ngenye indlela.

58 Manje ngifuna ukunikhombisa ukuthi kanjani, bukani, sizothi lena yiNdodana, uJesu, lona nguBaba, lona nguMoya oNgcwele. [UMfowethu Branham usebenzisa izinto ezintathu ukufanekisa—Umhl.] Manje, noma ubani uyazi, noJesu washo ukuthi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe. Niyakukholwa lokho na? Sifanele! UYise kaJesu Kristu wayenguNkulunkulu. Manje ngicaphuna umBhalo, uMathewu 1:18.

. . . ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba nje: Ngenkathi. . . unina uMariya esemiselwe uJosefa, engaka yena owesifazane hlangani, wafunyanwa ekhulelwe ngoMoya oNgcwele.

Manje-ke yimuphi walaba onguBaba waKhe na?

Uyakubeletha umntwana, futhi bayakumqamba igama lokuthi uJESU: . . . Qaphelani, owesifazane waye. . .

Futhi lapho uJosefa indoda yakhe, engumuntu olungileyo. . . engathandi ukumthela ihlazo, wayehlose ukumlahla ngasese ngalokhu.

Kepha esazindla ngalokhu, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho, futhi yathi, Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha umkakho, uMariya umkakho: ngokuba lokho akukhulelweyo kungokukaMoya oNgcwele.

59 Ngani, uNkulunkulu angaba kanjani nguBaba waKhe, uma uMoya oNgcwele unguBaba waKhe na? Wayezoba nobaba

ababili, futhi hlobo luni lomntwana Abeyoba yilo na? Akukho okubili. UMoya oNgcwele noNkulunkulu yinto efanayo. Niyabo?

Uzakuzala indodana, futhi bayakuyiqamba igama lokuthi uJESU: . . .

. . .konke lokhu kwenzeka, ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi, ukuthi,

. . .intombi iyakukhulelwa izale umntwana, . . . futhi Uyakuthiwa u-Emanuweli, okungukuthi. . . ngukuthi, (Ini?) uNkulunkulu unathi.

⁶⁰ Manje, nansi iNdodana. Ngosuku lokubhaphathiza kwaYo eJordani, UJohane uyafakaza ebona uMoya kaNkulunkulu, njengejuba, uza futhi uhlala kuYe. UJesu wathi, “AkuMina owenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlala kiMi.”

⁶¹ Manje, “UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele” uneGama elilodwa, lezoziq ezintathu, futhi iBhayibheli lathi lalingubani leloGama na? UJesu! Ngakho leso kufanele ukuthi kwakuyisambulo abaphostoli ababenaso, ngokuba yileyo ndlela ababhaphathiza ngayo. “UYise,” “iNdodana,” no “Moya oNgcwele” akusilo igama, akukho nalinye lawo elingamagama. IGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele yi “Nkosi uJesu Kristu.” Lelo yiGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

⁶² Manje ngizofunda eminye imiBhalo ngaphambi nje kokuba sibhaphathize. Ngifuna ukufunda, kuqala, esikhathini sokuqala sombhaphathizo wamanzi, futhi lokho kutholakala eZenzweni isahluko 2, uPetru ngoSuku lwePhentekoste. Wayekade eshumayela.

Futhi laphe bekuzwa lokhu, bahlabeka enhliziyweni yabo, bathi kuPetru na. . . kwabanye abaphostoli, Madoda bazalwane, siyakwenze njani na?

UPetru wayesethi kubo, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.

⁶³ Bese kuthi-ke ngesikhathi esilandelayo esinombhaphathizo oqoshiwe, kungenkathi uFiliphu, izinsuku ezimbili kamuva, wehlela eSamariya. Lawo kwakungamaJuda, kwase kuthi-ke ngenkathi. . . Zithathu kuphela izizwe zabantu emhlabeni, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete; amaJuda, abeZizwe, na (iJuda ingxenye noweZizwe) amaSamariya. Ngenkathi uFiliphu ehla futhi washumayela kumaSamariya, nakhu okwenzekile. Lona oyedwa uSimoni, umlumbi, wayethakatha abantu ngokuthakatha.

Kepha sebekholwe nguFiliphu eshumayela izinto eziqondene nombuso kaNkulunkulu, egameni likaJesu Kristu, babhaphathizwa, bobabili abesilisa nabesifazane.

⁶⁴ Isikhathi esilandelayo okukhulunywa ngaso umbhaphathizo, sitholakala eZenzweni 10:44 kuya e 48, endlini kaKorneliyu, oweZizwe. Kukhona amaJuda eJerusalema, uFiliphu eSamariya, futhi nangu uPetru nabeZizwe.

Futhi kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela . . . labo abalizwayo izwi.

Abokusoka (abaJuda) abakhulwayo bamangala, bonke ababefike noPetru, ngokuba . . . isiphiwo sikaMoya oNgcwele sathululwa futhi naphezu kwabeZizwe.

Ngokuba babezwa bekhuluma ngezilimi, betusa uNkulunkulu. Khona uPetru waphendula,

Ukhona yini ongala namanzi, ukuba laba bangabhaphathizwa, . . .

Futhi wabayala . . .

. . . ngubani owemukele uMoya oNgcwele njengathi na?

Futhi wayala ukuba babhaphathizwe egameni leNkosi. Niyabo? Wabakhulekela . . .

Isikhathi esilandelayo okukhulunywa ngaso umbhaphathizo, kuseZenzweni 19, lapho benyukela khona phezu kwabafundi bakaJohane. Lona nguPawulu, manje lalelisisani, iZenzo 19.

Kwathi, . . . u-Apolo eseseKorinte, UPawulu esedabulile amazwe angasenhla ase-Efesu: ufumana abafundi abathile,

Futhi, wathi kubo, . . .

Manje bhekisisani. Babengabafundi. Babengamakholwa, amaKristu.

Wathi kubo, Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakhulwayo na? Bathi kuye, Asizwanga nokuthi kukhona uMoya oNgcwele.

Lalalani ukuthi wabuzani. Lalalani lombuzo osemqoka owabuzwa yilomphostoli. Niyabo?

Wayesethi kubo, Pho nabhaphathizwa kukuphi na? Base bethi kuye, Ngaphansi kokubhaphathizwa kukaJohane.

⁶⁵ Manje sengathi ngiyabona kulokhu ukusa, uma omunye, noma yimuphi wethu wayebhaphathizwe yindoda efanayo eyabhaphathiza uJesu Kristu, besingacabanga ukuthi umbhaphathizo wethu wawuvikeleke kahle impela. Ubungeke

ucabange kanjalo na? Kodwa nangu uPawulu, uthi akunjalo. Emgodini ofanayo wamanzi, ngendoda efanayo eyabhaphathiza iNkosi yethu, uPawulu uyawulahla lowombhaphathizo manje ngoba wawungekho eGameni likaJesu Kristu. Manje lalalani.

Wayesethi ku...Pho nabhaphathizwa kukuphi na?...

Manje uma ufuna ukubheka lokho esiGrekini, kwathi, “Wena wabhaphathizwa kanjani na?” Niyabo?

...Bathi kuye, Ngokubhaphathiza kukaJohane.

Wayesethi uPawulu, uJohane wabhaphathiza un-... umbhaphathizo wokuphenduka, ethi kubantu, ukuze bakhohwe nguye ozayo, okungukuthi, kuJesu Kristu.

Qaphelani, leliqembu elifanayo lalibhaphathizwe eJordani, noJesu Kristu.

Lapho bekuzwa lokhu, baphinda babhaphathizwa, babhaphathizwa egameni leNkosi uJesu Kristu.

...uPawulu ebeka izandla zakhe phezu kwabo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo; bakhuluma ngezilimi, baprofetha.

⁶⁶ Manje, loPawulu ofanayo uyasho lapha, eNcwadini yabaseGalathiya. Yingakho ngibambelela kukho. KwabaseGalathiya, isahluko 1 nevesi 8. Lalalani. Ngizoqala e—evesini 6. Ekhuluma kwabaseGalathiya.

Ngiyamangala ukuthi nihlubuke masinya kangaka kulowo ovanibizela kuwo umusa kaKristu niye kwelinye ivangeli:

Okungesikho okunye; kepha bakhona abanikhathazayo, na... bavimbela ivangeli likaKristu.

Kepha noma thina, noma ingelosi evela ezulwini, (leyo kuyoba ngumpri, uphapha, umshumayeli, noma kungaba yini) ... noma kungaba yithina, noma ingelosi evela ezulwini, enishumayeza ivangeli elinye kunalokhu esakushumayela kini, makabe ngoqalekisiweyo.

Futhi njengoba... Futhi sishilo ngaphambili, ngakho manje ngiphinda ngiyasho futhi, Uma umuntu enishumayeza ivangeli eliphambene nalelo enalamukelayo, makabe ngoqalekisiweyo.

⁶⁷ “Uma siyosusa iZwi elilodwa eBhayibhelini,” iSambulo 21 noma 22, futhi, “noma senezele into eyodwa kuLo, ngokwazi, okufanayo kuyokhishwa eNcwadini yokuPhila, kwethu.” Ngakho-ke, Kuyizinkolelo zami.

⁶⁸ Akusikho ukudelela kubantu ofuna ukufafazwa, ukuthelwa noma ukucwiliswa, ku “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” lokho kukuwe ngamabomu, mfowethu othandekayo, dadewethu.

Bengingeke ngiphikisane nawe, ngivele nje . . . Wena u—uyinceku kaNkulunkulu.

⁶⁹ Kodwa, kimi, ngifanele ngethembeke futhi ngibe neqiniso eBhayibhelini. Ngakho-ke, uPawulu wayala abantu, ababekade bebhaphathizwe ngenye indlela ethize ngaphandle kweGama lika “Jesu Kristu,” futhi wabaphoqelela ukuba beze futhi baphinde babhaphathizwe futhi, eGameni likaJesu Kristu. Ukushumayela leloVangeli elifanayo, ngifanele ngenze into efanayo, ukuvimbela nokuncenga abantu. Ungalishiya neze ibandla lakho; hlala nomelusi wakho, wenze konke ongakwenza ebandleni lakho uqobo lendawo, kodwa ulandele iziyalo zeBhayibheli! Ngakho-ke siyakholwa, kulokhu ukusa, ukuthi uJesu uyeza. Futhi lapho ngima ngalolosuku . . .

⁷⁰ Manje, mhlawumbe incwadi yesivumokholo ingahle ukuba ilungile. Angikwazi ukungakunaki. Ingahle ukuba ilungile. Kodwa, futhi mhlawumbe ibandla eliKatolika linalo lelogunya. Angazi. Futhi uma nina maKatolika lapha, futhi nicabanga ukuthi ibandla lenu linalolelogunya, *Lena* bathi yiNcwadi yabo yasekuqaleni. Ngakho kungani uthatha lokho okwashiwo yindoda yesimodeni, ngenkathi uKristu, uMsunguli webandla lakho, wayala nga*Lokhu*, ngenkathi uphapha wakho wokuqala wayala nga*Lokhu* na? Asilandele iBhayibheli, ngokuba ngikholwa ukuthi Lelo yiQiniso!

⁷¹ Manje sisalungiselela, ngifuna labo abazobhaphathizwa beze ngaphambili futhi bame lapha, ukuze sikhombise ezweni ukuthi siyakholwa ukuthi uJesu:

Ephila, Wasithanda; efa, Wasisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zethu waziyisa
kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Kholwani ngelinye ilanga Uyeza, elindele
lolosuku olukhazimulayo!

⁷² Futhi uyeza kulokhu ukusa ukuzovuma lesosono engishumayele ngaso kulokhu ukusa, izono zezwe, silahliwe futhi sabulawa, futhi awuseyona inceku kuleyonto, kodwa ifile. Futhi uyeza ukuzongcwatshwa eGameni laKhe Owakufela, futhi wabulala isono ngenxa yakho, futhi wavukela ukulungisiswa kwakho. Futhi uphelele, kuYe; hhayi ebandleni, hhayi eTabernakele likaBranham, hhayi enhlanganweni. Kodwa uphelele futhi uphephile kuJesu Kristu!

⁷³ Asikhuleke. Nkosi, lokhu ngezinye izikhathi kubonakala kunzima, ngokuba ngiyazi ukuthi nginabangane abaligugu lapha benkolo yeKatolika, nabanye beMethodisti kaWesley, futhi, akungabazeki, abaningi bomthathu emunye owedlulele.

⁷⁴ Siyakholwa, Nkosi, ukuthi “uYise, iNdodana, noMoya oNgwele” unguNkulunkulu ofanayo, kodwa izikhundla ezintathu uNkulunkulu waseZulwini akhonzisa kuzo:

ngesinye isikhathi kumaJuda, ebuBabeni; kanye enyameni, njengobuDodana; futhi manje kuMoya oNgcwele, eBandleni. Hhayi onkulunkulu abathathu, asikholwa, Baba; ngokuba Ungeke waphika iZwi laKho uQobo, lapho engekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kwaKho. Wena wathi, “NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho, ungabi nabanye onkulunkulu.” Futhi siyakholwa, Nkosi, ukuthi loNkulunkulu oyedwa weqiniso wayephila ezimiseleni zezikhathi ezintathu ezehlukene: ngaphansi komthetho; ngaphansi kwesimiselo sesikhathi sobuKristu ngenkathi uKristu esemhlabeni emzimbeni wenyama owazalwa yintombi uMariya, wafa, wavuka, futhi usihlengile, iBandla; futhi manje, esimweni sikaMoya oNgcwele, uFakazi wovuko uphila ezimpilweni zethu. Esithethelela izono zethu.

⁷⁵ Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobusisa wonke umuntu lapha, kungakhathaleki ngezinhlango zebandla noma ihlelo. Bayizidalwa ezingabantu eziphila futhi zidle, zithande, futhi ezifuna ukuya eZulwini. Bafana nathi sonke. Futhi si—si— asizami ukuhlazisa noma yini noma yimuphi umsebenzi noma yimuphi umuntu awenzile eGameni laKho, kodwa sizama kuphela ukunikeza isitatimende sethemba elingaphakathi kithi, elisekeleke phezu kweZwi laKho. IZwi laKho liyiQiniso.

⁷⁶ Ngakho siyakhuleka, Baba, ukuthi uma bekhona abanye lapha Ozofisa ukuba baphinde babhaphathizwe, mabeze ngaphambili. Futhi labo abangakaze benze ukuvuma kobuKristu, ozayo manje ukuba abhaphathizwe eGameni leNkosi yabo evukileyo, isikhathi esihle kanje pho ukukwenza, ekuseni ngePhasika. Yini eyenza umbhaphathizo na? Ngoba kwakukhona iPhasika. Siphe, Nkosi, ukuthi noma ubani ozayo, angabusiwa futhi agwaliswe ngoMoya oNgcwele, njengoba befisa kanjalo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

⁷⁷ Manje, labo abezele umbhaphathizo, ungama nje ngezinyawo zakho na? ukuze sithole umqondo ojwayelekile wokuthi ubani ozobhaphathizwa. Kuzoba noyedwa, ababili, abathathu, abane, abahlanu, abayithupha, abayisikhombisa, abayishiyagalombili, abayishiyagalolunye, abayishumi, abayishumi nanye, abayishumi nambili, abayishumi nantathu, abayishumi nane, abayishumi nanhlano, abayishumi nesithupha, abayishumi nesikhombisa, abayishumi nesishiyagalombili. Abayishumi nesishiyagalombili babo. Kulungile. Nginabakho emuva lapho, udade ngemuva.

Manje bengifisa sengathi nonke beningakwenza, uma nizohamba niqonde ngqo lapha umzuzwana nje. Ubungakwenza na?

Ubungasidlalela, dadewethu, “Ngiyamuzwa uMsindisi wami ebiza”? Ngokuthula du njengoba ungenza, kancane.

⁷⁸ Futhi njengoba ngibona, ngiza ngehla ngomugqa, ngazi abantu, ngibona abantu abavela ngaphandle kwedolobha, abavela emabandleni abacabanga ngempela ukuthi bengiphumile kancanyana nje emgqeni, ngokubhaphathiza abantu... (Ningaphuma ngqo ngalendlela kancanyana, bazalwane, ukuze laba emuva lapha...? Ya.) ... ngokubabhaphathiza eGameni leNkosi uJesus. Kodwa ngizamile ngempela ukukwenza kucace njengoba ngazi ukuthi kwenziwa kanjani. Niyabo?

Manje, leli yiqembu elihle labantu. Ngifuna nonke niphendukele ngqo ezethamelini, *kanje*. Kulungile.

⁷⁹ Lababantu abami lapha, beza phezu kwezisekelo zokuthi bakholwa ukuthi uJesus Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Waye... wahlupheka ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, futhi wabethelwa eKalvari, wafa, wembelwa; wavuka ngosuku lwesithathu, wanqoba phezu kokufa, isihogo, nethuna, futhi wenyukela Phezulu, ehlezi ngakwesokunene soMkhulu, ukuba anxusele phezu kokuvuma kwabo. Manje bakhombisile kuni ukuthi bayakukholwa lokhu ngesizotha ngayo yonke inhliziyu yabo, futhi bavume izono zabo phambi kukaNkulunkulu, futhi banelisekile ukuthi uJesus uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi uMemukele njengoMsindisi womuntu siqu.

Uma lokho kunjalo, phakamisani izandla zenu, nonke nimile nizungeze kanjalo. Siphakamise nje. E-hhe.

⁸⁰ Ngakho-ke, abanye babo kade bengamaKristu isikhathi eside. Abanye balabo babhaphathizwe egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgewe. Futhi banelisekile namhlanje ukuthi—ukuthi umBhalo nendlela yabaphostoli yombhaphathizo iseGameni le “Nkosi uJesus Kristu.” Futhi bafikile, bekhola yilokhu, futhi bakwemukele, futhi besingatha lokhu, futhi bazocabanga ukuthi lelo yiQiniso ngoba umBhalo uyakufundisa.

⁸¹ Uma onjalo emi emgqeni, ungaziphakamisa izandla zakho na? nina enibhaphathiziwe ngaphambilini futhi nizo... egameni lika “Yise, iNdodana, uMoya oNgewe,” futhi manje nikhola yi “Nkosi uJesus Kristu.” Ngiyabonga.

⁸² O Nkosi, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, lapha kumi abesilisa, abesifazane, abafana namantombazane, engizobaholela lapha kulelithuna lePhasika. O Nkulunkulu, ngoluny’usuku, mhlawumbe namuhla namanje, ngizofanele ngime nabo eNkantolo yokwaHlulelwa. Futhi lapho uBasi omkhulu eza ngaphambili ngezingubo zaKhe ezinkulu zobukhosi; njengomfundisi weVangeli, ngifanele ngime phambi kwaleliBhayibheli elivuliwe futhi ngizilande ngalokho engikufundise abantu. Ngiyesaba, Nkosi, ngokwesaba, ukwesaba kokumesaba uNkulunkulu, funa ngifundise into eyayingalungile, bese kuthi-ke konke engikwenzile

bekuyolahlwa. Ngokuba, Wena wathi, “Kuze kudlule amazulu nomhlaba, akuyikudlula nelilodwa iZwi laMi.” Futhi Wena uthe, “Lonke izwi lomuntu malibe yiphutha,” nelaKho libe ngeliqinisile.

⁸³ Ngakho-ke, Nkosi, nginjengenceku yaKho ezinsukwini esezadlula, ngibacindezela ukuba beze futhi baphinde babhaphathizwe futhi. Ukuthi ngingasho lokho ngalolosuku, ukuthi, “Ngenze konke engikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani. Ebusweni bokugxeka, nokunye okunye, kodwa ngazama ukuphila ngokwethembeka kuleliBhayibheli.”

⁸⁴ Siphe, Nkosi, ukuthi ukuphila kwabo kuzonothiswa futhi kubusiswe, futhi kwangathi bangangafuna utho. Kwangathi uMoya oNgewele ungeza phezu kwalowo nalowo wabo ongakaMemukeli okwamanje. Kwangathi lesi kungaba yisikhathi sokuvuka, ukuthi leliqembu labantu lizovuswa, nalelibandla lizogcwaliswa ngaMandla kaJesu ovukileyo. Kwangathi singasuka kulesisakhiwo namhlanje, sithi, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni.” Siphe khona, Baba. Njengenceku yaKho, ngalezizinto eziphathekayo, ukuthi siya phambili kanjani manje ukulalela iMiyalo yaKho. EGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

⁸⁵ Manje abesifazane, ngiyakholwa, uya kulelikamelo. Ngabe kunjalo na? [UMfowethu Neville uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Ngapha lapho okuzoba khona ukulungiselela, abesifazane bebandla bazothatha izindawo zabo lapha nalaba besifazane, ngakwesokunene sami. Amadoda azoya ngakuloluhlangothi, okuwuhlangothi lwesokunxele. Futhi uDoc, uma ethanda, athole izibani ezinkulu phezu kwendlu yokubhaphathizela, wonke umuntu uzokwazi ukubona inkonzo yombhaphathizo. NoMfowethu Neville uzongiholela amaculo, uma ethanda. Futhi sizo. . . [UMfowethu Neville ukhuluma noMfowethu Branham.] Bese-ke uhlela lokho eduze. [Akuqoshwanga eteyipini.]

⁸⁶ Ukuthi waya e, ezansi ngezansi kweCorydon, kowesifazane owayengelutho ngaphandle kwesithunzi sowesifazane, enomdlavuzo, futhi bamdlalela iteyipu, yomunye wemihlangano, nowesifazane ukhululwe ngokuphelele, phandle egcekeni, ehhala amaqabunga. Odokotela abatholi lutho ngomdlavuzo wakhe.

⁸⁷ Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, owesifazane wahlala lapha, lapho engibuze khona ngase ngithi, enhlanganweni yebandla encane, “Asilitholanga ithuba lokukhipha amakhadi omkhuleko, ngakho ngizovele nje ngibuze, bangaki lapha ongakaze abe semihlanganweni yami ngaphambilini na?” Abaningi baphakamise izandla zabo. UMoya oNgewele omkhulu washanela phezu kwendawo futhi uqala ukwehlukanisa imicabango yabantu nokuthi bafanele benzeni. Kwakukhona

ingane encane ihlezi lapho evela ndawondawo eGeorgia, inesifo sesikhumba, selokhu yazalwa. Ezinsukwini ezimbili kamuva, omunye washaya ucingo, noma ezinsukwini ezimbalwa kamuva, wayesethi, “Isifo sesikhumba sasesinyamalala enganeni.”

⁸⁸ Inenekazi lihlezi lapha, lizohlinzwa, linesimila esikhulu ohlangothini lwalo, elalizohlinzwa sona, ngoLwesibili olulandelayo. Lokho kwakungeSonto. Lafika nohlulwa uphuzo, wayevame ukuba nguye, uRosella Griffith. Futhi ngenkathi lona wesifazane efika, noMoya oNgewele uqala ukumtshela ukuthi wayengubani nokuthi uvelaphi, Wathi, “Ungahle ucabange ukuthi uRosella wasitshela lokho.” Khona-ke uMoya oNgewele wahamba futhi wakhapha umntwana wakhe ezethamelini, futhi wakhuluma ngomntwana, wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI, lesosimila asisekho.”

⁸⁹ Futhi ngoLwesibili ekuseni ngenkathi eyohlolwa, noma ukuyohlinzwa, ngenkathi bonke ochwepheshe, abane babo, ngiyakholwa, bahlangana ndawonye. Baqala ukuzwa isigaxa, futhi sasingekho lapho. Bambeka ngaphansi kwe x-reyi, base bebiza abanye odokotela, base bembuyisela izingubo zakhe futhi bamthumela ekhaya, “Akukho lutho kulo nhlobo.”

UNKulunkulu usenguNkulunkulu! Ungalahlekelwa ukukholwa, qhubeka nje ukholwa. Kulungile.

⁹⁰ Nonke ngikhulekeleni sisangena eCalifornia, emihlanganweni; ukwenza lokho manje na? Sizobe sesihambile, cishe, phakathi kwezinsuku eziyishumi noma eziyishumi nanhlanu, e-Angelus Temple, siqala zintathu.

⁹¹ Bese-ke siyahamba, ukusuka lapho, ngobunye ubusuku nabantu baseSpain, ehholo elikhulu eLos Angeles, ziyishumi nesithupha. Ziyishumi nesikhombisa, ziyishumi nesishiyagalombili neshumi nesishiyagalolunye, sisezinkanjini zamasosha asolwandle eSan Diego.

⁹² Bese-ke sisuka lapho, siye eSan Jose. Lokho kuqhele ngamamayela angamashumi amathathu ukusuka e-Oakland, ngoba asikwazanga ukuthola inkundla yezemidlalo esasinayo ngonyaka odlule. Bashushuluza eqhweni lapho. Futhi sinezinkundla zemibukiso, ezizohlalisa, ngiqagele, mhlawumbe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili. Futhi banamabandla angamashumi ayisithupha-nanye eVangeli eligcwele asayinele umhlangano. Futhi ngakho sibheke isikhathi esikhulu lapho cishe amaviki amabili.

INKosi inibusise. Futhi ningikhulekele manje.

⁹³ [UMfowethu Neville uthi, “Ngifuna nje ukwenza lesi simemezelo esincane, ukuthi abanye babazalwane bethu bazokhipha okokwehlukana kulelokamelo, emuva lapho, kulobubusuku, kuzokwenzeka ukuhlalisa abantu abayikhulu ngaphezulu, ngi...”] Akuqoshwanga eteyipini. Ibandla liyacula, *Ngiqonde EZweni Lesethembiso* njengoba

uMfowethu Branham elungiselela umbhaphathizo. UMfowethu Branham ubhaphathiza abangenele, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.]

⁹⁴ ...?...gcina konke Okuyalile. Phezu...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ... ukubusi-...[Akuqoshwanga eteyipini.]...lokhu, mfowe-...[Akuqoshwanga eteyipini.] ... nokuvuma kwakhe...[Akuqoshwanga eteyipini.]...kweNkosi uJesu, nokwakhe ukugcwala...?...[Akuqoshwanga eteyipini.]

⁹⁵ (Kuyini okwakho...?...Ungahle ulinde kuze...?... mabame khona lapha...?...O, kuyabanda, kubanda kabi...?...Sinento lapha...?...Ungubani igama lakho, dadewethu na? Uvelaphi? Indodakazi ka-Opal Weaver. A-hha. Umama wakho wasindiswa ekufeni, kwakungenjalo na? U-Opal Weaver, wayenomdlavuzwa. Kunjalo. Awu, ubungeke ube ngumhlengikazi owayesezansi lapho ngalolosuku ngenkathi ngingena lapho na? Enye yamadodakazi akhe yayifundela ubuhlangikazi. Yebo. Ngenkathi ngingena ukuyomkhulekela ngalobobusuku ezansi lapho...Kuhle. Nkk. Kennard, uke wabhaphathizwa ngaphambilini na? Wafafazwa. Kulungile. Manje, buka ngapha nje. Kulungile. Kulungile...?...Umama wakho ukhona lapho na?)

Lona nguNkk. Kennard. Futhi kubafo bebandla lapha, lena yindodakazi kaDadewethu Opal Weaver.

⁹⁶ Futhi nonke niyamazi u-Opal Weaver, nokuthi kwenzekeni empilweni yakhe. Wayewuhlaka lwamathambo nje, enomdlavuzwa, odokotela base bemdelile. NoNkk. Weber ongumakhelwane, oyisihlobo sakhe, ngoluny'usuku ngenkathi ngingena ngivela eNtshonalanga, ngomhlangano, wangucela ukuba ngehlele lapho futhi ngibone uNkk. Weaver. UNkk. Weaver wathi, "Mfowethu Branham, angifanele ukuba inceku kaKristu ingene endlini yami, ngoba ngiyisoni." Futhi akakhulumanga kakhulu ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kodwa wakhuluma ngezono zakhe. Wayengafuni ukuhlangana noNkulunkulu eyisoni. Futhi lapho wayenikele impilo yakhe kuNkulunkulu. Futhi waye...eza kulelichibi, engumhlanga kakhulu futhi emadwala, enezitho ezincane nezingalo, aze abukeke njengohlaka lwamathambo, uhamba kulamanzi ukuba abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Umi lapho ekhala izinyembezi manje, njengoba ebhekisisa indodakazi yakhe idlula embhaphathizweni ofanayo eyekuwo.

⁹⁷ Ngabe wena, umi lapho, awusiye, uNkk. Weaver na? Uzophuma, ukuze nje babone ukuthi ubukeka kanjani manje. Eminyakeni eminingi edlule, uhlaka lwamathambo cishe olungamaphawondi angamashumi amane. Futhi lena yindodakazi yakhe yehlela echibini elifanayo, eGameni likaJesu Kristu.

⁹⁸ UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Kennard. Vele ugaxe ingalo yakho ngqo *kanjena* nje, Dadewethu Kennard. Zibambe zizungeze ezami ngqo. Yilokho-ke. Manje, lokho kulungile, buka nje phezulu ngalendlela. Manje asikhothamise amakhanda ethu.

⁹⁹ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle. Njengoba lona wesifazane efikile kulokhu ukusa, eqonda ukuthi Uvuse unina emathunzini okufa, njengoba waKulalela ngombhaphathizo wamanzi, njengoba wethembisa okhukhwani lokufa wayeyokwenza. Uyafika kulokhu ukusa, azi ukuthi usanda kufafazwa nje, futhi ubengenelisekile ukuthi lowo bekungumbhaphathizo wobuphostoli. Uza manje ukugcwalisa isifiso senhliziyo yakhe nomyalo kaNkulunkulu. Ngakho-ke, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzomgcwalisa ngoMoya oNgcwele. Futhi aphile impilo ende, ejabule, futhi enzele Wena inkonzo.

¹⁰⁰ Naphezu kokuvuma kwakho ukukholwa kwakho, nokuzahlukanisela kwakho eNkosini yethu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

¹⁰¹ (...?..Manje, lethani omunye ngqo phambi kwenu, lapha, ukuze bawajwayele amanzi. Niyabo...?..Babuyiseni ngapha...?..Baba, woza ubambe isandla sakhe...?..Ngenisa omunye lapha. Kulungile. Ngifuna omunye...?..Yilokho-ke...?..Yima, yima khona lapho...?..Yilokho-ke. Khona lapho, yima khona lapho...?..Belvin. Manje, lethani enye intombazane futhi uyiyeke ime emuva lapho, bangawajwayela amanzi...?..niletha omunye phansi, bawajwayele kakhudlwana. Manje, yima emuva ngqo ngalendlela, dade. Kunjalo. Kulungile, lapho. UBelvin, waseMichigan...?..kulungile. Ngicabanga ukuthi lena yindlela o...beka isandla sakho khona lapha. Kulungile.)

UDadewethu Belvin, Maria, ovela eduze kwaseBattle Creek, eMichigan, oza ukuphinde abhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu.

¹⁰² Abantu, isizathu sokuba sibe manqikanqika kancane ngaleyonkathi, ngisho nakuba isifudumezi sesibe kulamanzi isikhathi esithile, ingaphansi lechibi lisalokhu libanda okweqhwa. Futhi yingakho sibavumela nje beze, bejwayela amanzi.

Futhi ngiyabacela, nje balethe ukuze nje babelokhu bengena njalo, oyedwa ngaso sonke isikhathi.

Ngakho manje uma nje uzogaxa izingalo zakho ngqo kwezami, Dadewethu Belvin, *kanje*, phambanisa izandla zakho. Yilokho-ke. Kulungile. Manje asikhuleke.

¹⁰³ OLunge kakhulu, Baba waseZulwini, Mqalisi wokuPhila okuphakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezulu kwalo wesifazane ovela le eMichigan,

ukulandela iNdodana yaKho embhaphathizweni kulokhu ukusa, kulelichibi elineqhwa. O Nkosi, yizwa imikhuleko yenceku yaKho. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa impilo yakhe ngaMandla aKho, izinto ezinhle zaseZulwini. Futhi, njengoba ngimbhaphathiza ngamanzi, mgcwalise ngoMoya oNgcwele namandla wenzele inkonzo yaKho. Siphe khona, Nkulunkulu oPhakade. Njengoba Usithumile ukuba siye ezweni lonke futhi senze abafundi bazo zonke izizwe, sibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, sibafundise ukugcina konke Obayale ngakho.

¹⁰⁴ Ngakho-ke phezu kokuvuma isono sakho, nokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(Ubani igama lakho, hhe? UJoseph bani? Blade? Ubani isibongo sakhe na? Ubani? UBlade. Kulungile. Vele ume phansi ngqo lapha, ndodana, uma ungakwazi, ngiyacela? Kulungile. Manje, yima laphaya, dade, ukuze. . . Yilokho-ke. Kulungile.)

¹⁰⁵ Nansi insizwa ekahle, uJoseph Blade. Lomfana omncane udlale izinsimbi kakhulu nje ngaphambi kwabantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amahlanu. Uza ukuba ngumshumayeli omncane. Futhi uze ukuzobhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, hhayi ngokuncenga kukayise, unina, kodwa phezu kokulahlwa yicala kwakhe uqobo uzile. Uzofanele adlale kulentambama, enhla lapha ndawondawo e-Indiana; kodwa ubefuna ukulinda kuze kwenzeke lokhu, ngoba wenelisekile ukuthi lokhu kulungile. Kulotshiwe emiBhalweni, “Umntwana omncane uyakubahola.” Asikhothamise amakhanda ethu. (Bamba ingalo kaMfowethu Branham. Yileyondelela, mfana, khona *lapha*.) Asikhuleke.

¹⁰⁶ Nkosi Nkulunkulu, kulotshiwe, “Vumelani abantwana abancane beze kiMi.” Nangu uJoseph omncane. Lapho ngicabanga ngalelogama, ngicabanga ngomfanyana wami uqobo. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa uJoseph omncane, ugcwalise impilo yakhe ngoMoya oNgcwele, Nkosi. Menze, mnike isifiso senhliziyo yakhe, makabe ngumshumayeli weVangeli. Mnike impumelelo kukho konke akwenzayo. Futhi phezu kokuthuma kwaKho, Nkosi, njengoba Usithumile ukuba siye ezweni lonke futhi senze abafundi, sibabhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, futhi sibafundisa ukugcina noma yini Obayalile.

¹⁰⁷ Naphezu kokuvunywa kwezono zalomfana omncane, nokukholwa kwakhe eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, mfowethu omncane, Joseph, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Amen.

(Ungubani igama lakho, dadewethu na? Myers, uDadewethu Myers. O, nguDadewethu Downing lapha, uza nje emanzini.) Lababantu bavela eTennessee.

¹⁰⁸ Lona nguDadewethu Myers, ovela eMemphis, eTennessee, ukuhlangana neNkosi yakhe ngombhaphathizo kulokhu ukusa. Ngicabanga ukuthi uke wabhaphathizwa kanye e... njengomntwana. Futhi uyeza manje ukuba ubhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu. Uma nje uzobamba ingalo yami, Dadewethu Myers, ngiyakholwa, uma mhlawumbe uzophendula izandla zombili. Ngiyakholwa, inenekazi esikhashaneni esedlule... Yilokho-ke. Lokho kungcono. Asikhothamise amakhanda ethu.

¹⁰⁹ O Nkosi Nkulunkulu, Owavusa uJesu kwabafileyo, futhi osinike ubufakazi ngoMoya oNgcwele, simi lapha kulelithuna elineqhwa kulokhu ukusa, sazi lokhu, ukuthi, njengoba impela uJesu aphuma ethuneni, kanjalo nathi siyakuvuka ngaloloSuku. Ngolunye usuku, uma uJesu elibala, siyoya e—ethuneni elinodaka, inhlabathi iyophonswa phakathi phezu kwethu. Kodwa akukho thuna elingasibamba. UJesu wanikeza isithembiso, “Okholwayo abhaphathizwe, uyakusindiswa.” Lona wesifazane osemncane uyafika namhlanje, nenhliziyo ezahlukanisele ngokugcwele, ekholwa ukuthi Uzomenzela lokhu. Ngakho-ke, Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, thumela izibusiso zaKho phezu kwakhe, njengoba ngigcwalisa umyalo Owasinika ukuba siwenze.

¹¹⁰ Phezu kokuvuma kokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu. Amen. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

¹¹¹ (UDadewethu Downing ulapha. Woza kimi.) Lona nguDadewethu Downing, naye ovela eMemphis, eTennessee. UNkulunkulu ubemuhle kulomndeni; ukuthi Ube—ube kanjani kunina, obenelumbo lokugula isikhathi eside. Lona ngomunye wabangani abakhulu bomkami. Futhi uyeza namhlanje, hhayi ngenxa yokuncenga, uza ngenxa yokulahlwa yicala, ukuthi ufuna ukuphinde abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Nkulunkulu, busisa lona wesifazane.

¹¹² Ngifuna ukusho lokhu. Ngingaqoka ukunikeza umuntu umqumbe omncane manje, kunawo wonke umqhele wezimbali emva kokuba sebehambile. Ngimbhekisisile lona wesifazane iminyaka eminingi, selokhu ngingena enkonzweni. Nalona wesifazane, ngazi imuva lakhe, ngalokho akade eyikho nokuthi wenzeni; ubenenhliziyo egcwele inkathazo, kodwa ubengesinye sezibonelo zobuKristu. Ngijababala ukuthi ngingakusho lokho kulokhu ukusa. Futhi ugqamile, kimi, njengomKristu ozahlukanisele. Ngijababala kakhulu ngingakusho lokho ngaye, ngaphambi kokuba ngimbhaphathize eGameni leNkosi yakhe.

¹¹³ Thatha izandla zombili noma ngayiphi indlela ofuna ukukwenza ngayo, Dadewethu Downing. Khona ngaphesheya

lapho kuzoba kahle. Khiya iminwe yakho *kanje*, ngikholwa ukuthi kuzokwenza ukhuphuke kangcono.

¹¹⁴ Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wazo zonke izipho ezinhle, noMqalisi wokuPhila okuphakade, Wena usiyalile ukuba siye ezweni lonke futhi senze abafundi bazo zonke izizwe. Lokhu, Nkosi, sikwenzile, ngenhlonipho yokuzithoba. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzomemukela lona wesifazane, phezu kokulahlwa yicala kwenhliziyo yakhe; emva eke waba segameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Hhayi ngoba ngikushilo; ngenxa yokuthi wenelisekile ukuthi ngubuphostoli baKho nendlela yaKho yasekuqaleni yombhaphathizo, njengeBandla lokuqala labhaphathizwa. Ufika njengo—njengoba kwasho uPawulu, wasendulo. Futhi, Nkulunkulu, ngi—ngikhulekela ukuthi Uzomemukela. Futhi ngiyazi Uzokwenza. Futhi wenze impilo yakhe ijabule manje. Mnike isifiso senhliziyo yakhe.

¹¹⁵ Naphezu kokuvuma kokukholwa kuJesu Kristu, naphezu kokuzahlukanisela kwakho kuYe, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Amen. Amen. Makabongwe uNkulunkulu!

¹¹⁶ (O, ngikholwa ukuthi ungolandelayo, mnumzane, ekuzeni. Ubani igama lakho na? UHenry Blade. Kulungile.) Lona nguHenry Blade, insizwa eza ukuzobhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu Kristu. Ngabe ungumfowabo womfo omncane osanda kubhaphathizwa na? Uyawudlala umculo, nawe na? Omunye webhendi, odlala umculo, obizwa yonke indawo. Omunye ubesanda kungitshela nje esikhashaneni esedlule, ukuthi, badlala phambi kwezethameli ezinkulu ndawo zonke. Futhi ufike phezu kokulahlwa icala, ukuba abhaphathizwe eGameni leNkosi yaKhe evukileyo. Ungenyukela khona lapha, Mfowethu Blade na? Vele ubeke izingalo zombili *kanje*, zizungeze ingalo yami ngqo. Yilokho-ke. Asikhuleke.

¹¹⁷ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalensizwa engiyibhaphathiza eGameni leNdodana yaKho. Siphe khona, Nkosi.

¹¹⁸ Phezu kokuvuma izono zakho, nokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, mfowethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Awu, lowomfanyana, mbusise!

(Ubani igama lakho na? Ubani? Myers.) Lona nguMfowethu Myers omncane. Uneminyaka emingaki? Ishumi.

Omunye angahle athi, “Umbhaphathizelani lomfana omncane na?”

¹¹⁹ UJesu wathi, “Vumelani abantwana beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.” Bavumeleni beze! Lomfanyana ufuna

ukubhaphathizwa. Ngikholwa ukuthi badingeke baphume futhi bamtholelele izingubo zokugqoka, noma okuthize, ukuba abhaphathizwe. Wenelisekile. Asikhuleke.

¹²⁰ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela iziBusiso zaKho phezu kwalomntwana, oza kuWe kulokhu ukusa, kulelithuna elineqhwa. Njengoba ngimbhaphathiza ngamanzi, mgcwalise ngoMoya oNgcwele.

¹²¹ Phezu kokuvuma izono zakhe, nokukholwa kwakhe eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, mfowethu omncane, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Busisa inhliziyi yakhe encane!

¹²² (Kulungile, Dadewethu Ungren.) Lelinenekazi lapha, libe wumklomelo womusa kaNkulunkulu. Lona ngumnumzane. . . UNkk. Ungren, unina wentombazane yakwaDowning nentombazane ebiphambi kwakhe, osanda kubhaphathizwa. Bonke bavela eMemphis, eTennessee. Lona ubengumngane wethu iminyaka neminyaka. Futhi uvela ebandleni likaziqu-zintathu ezansi eMemphis, eTennessee. Bengingeke ngatshela uDadewethu Ungren noma muntu ukuba angayi ebandleni. Impela, yiya ebandleni okungelakho. Lokho kulungile. Kodwa, akakwenzi lokho ngoba unokuthile okuphambene nebandla lakhe, wenza lokhu ngoba wenelisekile yiVangeli ukuthi lona ngumbhaphathizo wobuphostoli. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Ungren. Kade egula, edlula esikhathini sokuphila, akumsizanga ngalutho.

¹²³ Futhi Dadewethu Weaver, njengoba umi lapha, nofakazi ukuthi—ukuthi. . . Futhi abaningi benu lapha abakwaziyo lokho, ngenkathi niphinda nibhaphathizwa futhi eGameni likaJesu Kristu, abanye benu phandle lapho benomdlavuzwa futhi bengasindi; ngenkathi uphinda ubhaphathizwa eGameni likaJesu, umdlavuzwa wasuka kuwe. UNkk. Weaver ungomunye wabo. Nenenekazi elingaphesheya kwesitaladi lapho ngelinye labo, ukuthi kwakwenza.

Futhi ngethemba uNkulunkulu ukuthi lokhu kuzoba ukuphela kokuhlupheka kwakho, dade, ngoba ulalele imiYalo kaNkulunkulu.

Manje uma nje uzogaxa izingalo zakho ngqo kweyami, noma ngayiphi indlela nje ofuna ukuyibamba ngayo. Asikhuleke. Kulungile.

¹²⁴ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, nakhu kumi inceku yaKho, futhi kade igula isikhathi esithile, kodwa, O Nkosi, imi lapha namhlanje kulelichibi, ukuba ibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Nkosi, ngibathandile lababantu, futhi ngibakhulekele njalonzalo, ukuthi bayobona lokhu ukuKhanya okukhulu. Ngokuba, ngiyakholwa, Nkosi, ukuthi kungukuthi, yonke inhliziyi yami, yindlela Osimisele ukuba sihambe ngayo.

Ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa uDadewethu Ungren manje. Kwangathi wonke umkhondo wokugula ungashiywa kulelichibi. Kwangathi angavuka esempilweni entsha, nasemandleni okuvuka kukaKristu.

¹²⁵ Phezu kofakazi wakhe nokuvuma kwakhe, nokukholwa kwakhe eZwini likaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(Kulungile, mfowethu. Ngiyakholwa ukuthi unguchwepheshe womsakazo, awunjalo, noma okuthize na? Indoda yomsakazo. Ungaphenduka futhi ume na? Ubani igama lakho na? UBert Maine. Uma ujika . . . Ya.)

¹²⁶ Lona nguMfowethu Bert Maine, indoda yomsakazo, indoda yezindaba, umsakazi wezindaba wesiteshi somsakazo, onelisekile ukuthi umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu uqinisile. Uke wabhaphathizwa ngaphambili, mfowethu na? Uke wabhaphathizwa ngaphambilini, egameni lika “Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Kodwa enelisekile ngokufundwa kweZwi, ukuthi yilokhu afanele akwenze. Indoda yezinga layo nobungcweti bayo, iza ngqo emanzini, ukufuna uNkulunkulu ayibusise futhi ayinike lokho Anakho ngayo empilweni. Kwangathi uNkulunkulu angabusisa lenceku ethembekile yaKhe.

Yenyukela lapha nje, Mfowethu Bert, gaxa izingalo zombili ngqo kwezami, lena khona lapha. Yilokho-ke. Asikhuleke.

¹²⁷ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalomfowethu. Futhi njengoba eza lapha njengofakazi womusa waKho, umfundi weZwi laKho, enelisekile enhliziyweni yakhe ukuthi lena yinto okufanele yenziwe, ngoba kungumyalo weBandla laKho elingcwele. Kungokwasekuqaleni. Futhi, Nkosi, sifuna ukulandela imiYalo yalabo abahamba naWe, ngokuba ngempela kuyisifiso sethu ukuhamba njengoba babehamba, sithathe indlela abaphostoli abayinyathele. Mhlawumbe ukuhlushwa, mhlawumbe ubuhlungu benhliziyo, mhlawumbe yizinsizi, asazi ukuthi kuphetheni, kodwa, Nkosi, inqobo nje uma Uholo, siyazi ukuthi kuzolunga. Busisa umfowethu, gewalisa impilo yakhe ngoMoya oNgcwele, futhi azehlukanisele inkonzo kaKristu.

¹²⁸ Ngakho-ke, phezu kokuvuma kokukholwa kwakho, nokulahlwa yicala kwakho ngalokhu olungiselela ukukwenza manje, mfowethu othandekayo, ngiyakubhaphathiza eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(UnguDadewethu . . . Dadewethu Skaggs. Ngabe uyindodakazi kaMfowethu Skaggs lapha, umngane wami? ovela e . . . e . . . ? . . .)

129 Lona nguDadewethu Skaggs. Uke wabhaphathizwa ngaphambilini, Dadewethu Skaggs na? Wabhaphathizwa ngaphambilini, ku “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Uyafika kulokhu ukusa, lona wesifazane osemncane, ukunikela impilo yakhe yokuzahlukanisela eNkosini uJesu, ukuMlandela ngombhaphathizo wobuphostoli. INkosi ikubusise, Dadewethu Skaggs. Ubungenyukela ngapha usondele kancane nje na? Gaxa izingalo zakho noma ngayiphi indlela ofuna ukubamba ngayo eyami. Asikhothamise amakhanda ethu.

130 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalencekukazi yaKho esencane. Ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa impilo yakhe ngomusa nezibusiso zikaNkulunkulu, yahlukanisela umphefumulo wayo kuWe, Nkosi, futhi uyigcwalise ngoMoya waKho nothando.

131 Phezu kokuvuma kokukholwa kwakho, dadewethu othandekayo, ngiyakubhaphathiza eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Amen.

[Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Noma ngabe uyini, uma enelisekile, awu, kulungile-ke.)

(Kulungile. Ubani igama lakho, manje na?)

132 Lona nguMfowethu Henry B. Johnson. Uza lapha ngePhasika eledlule ukuba abhaphathizwe, futhi wayengenazingubo zakhe, futhi uselinde unyaka ukuba abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. UNkulunkulu abusise lenceku kaKristu eyiqhawe! Yenyukela lapha ngqo, Mfowethu Johnson. Vele ugaxe izingalo zakho nje kweyami lapha, noma ngayiphi indlela ocabanga ukuthi ungaziphakamisa ngayo kangcono. Yilokho-ke. Yilokho-ke. Asi, khuleke.

133 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, uMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalenhliziyo elindile. O, lapho Umbona evela kulamanzi, kwangathi uMoya oNgcwele owahamba phezu kwamanzi into yokuqala, kwangathi Ungahamba phezu kwakhe. Yahlukanisela impilo yakhe, O Nkulunkulu, kuWe, inkonzo.

134 Phezu kokuvuma izono zakho, nokukholwa kwakho kuJesu Kristu, ngiyakubhaphathiza, mfowethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Makabongwe uNkulunkulu!

(. . .? . . . wena futhi. Kuyabanda? A-hha. Ake sibone, ukuthi ku . . .? Martha, ngabe kunjalo, noma . . .? Jo Ann.)

135 Lena ngenye intombazanyana evela kwenye ye . . . Indodakazi kaDadewethu Downing, uJo Ann Downing omncane. (Kunjalo, dadewethu? Uthi awube neminyaka emingaki manje na? Ishumi nane.) Ungu—ungumngane

wentombazane yami encane siqu, uRebekah, emi lapha embuka ebhaphathizwa, eGameni leNkosi uJesu. Sijabula kakhulu namhlanje ukubona uJo Ann omncane, phezu kokulahlwa yicala, lababantwana abayinjeane, lapho lelizwe ligcwele isono nokonakala, ukubabona bethatha ukukhetha kwabo noJesu Kristu. UNkulunkulu abusise lentombazane esencane. (Njengoba ubamba izandla zakho.) Asikhuleke.

¹³⁶ Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, thumela izibusiso zaKho phezu kwalentombi. Njengoba ngiyibhaphathiza ngamanzi, ngikhulekela ukuthi Uzoyigcwalisa ngoMoya oNgcwele. Yipha ukuthi impilo yayo yobusha izoba yi—yisibusiso kuWe, Nkosi. Siphe khona. Futhi ukhulume kuyo, futhi uphile kuyo futhi usebenze ngayo, Nkosi, ngamandla kaNkulunkulu.

¹³⁷ Phezu kokuvuma kwakho iNdodana kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(Kulungile, Sisi. Umama wakho lapha na? Ya. Kuyabanda kuwe. Ubani igama lakho na? USharon Myers, bheka ngapha, Sharon.)

¹³⁸ USharon Myers, omunye wesifazane osemusha uyafika manje, ehlukanisela impilo yakhe kuKristu. Sewake wabhaphathizwa, Sharon na? Qhabo, lesi yisikhathi sakhe sokuqala ukuba abhaphathizwe. Kwangathi iNkosi ingabusisa lona wesifazane osemusha, futhi igcwalise impilo yakhe ngokulunga kukaNkulunkulu nesihawu.

¹³⁹ Yenyukela lapha nje, Dadewethu Sharon. Futhi nje ubeke izingalo zombili kanje, s’thandwa, ngiyakholwa, ngaphansi ngalendlela bekungaba kuhle ukwedlula konke. Nje noma ngayiphi indlela ongayibamba ngayo manje kanjalo, kulungile, Dadewethu Sharon. Asikhuleke.

¹⁴⁰ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela umusa waKho phezu kukadadewethu lapha. Futhi kwangathi angaphila futhi abe yisibonelo so—sobuKristu bangempela, komakhelwane lapho avela khona. Siphe khona, Baba. Futhi njengoba Usiyalile ukuba “sihambe siye ezweni lonke futhi sifundise izizwe zonke, sibabhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” sibafundisa ukugcina noma yini Osiyale ngayo. Siphe khona, Nkosi, ukuthi lentombazane encane izokwemukela izibusiso Ozethembisile.

¹⁴¹ Phezu kokuvuma kokukholwa kwakho, na—naphezu kokuzinikela kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

(Manje, izicathulo azi...Ya, lepotimende lezingubo ezimanzi. A-hha. Kulungile. Futhi igama lakho ungubani na? Sumner. Bheka ngapha.)

¹⁴² Mfowethu Sumner. Uvelaphi, Mfowethu Sumner na? Uvela ezansi eGeorgia, yena uyafika kulokhu ukusa. Wake wabhaphathizwa ngaphambilini, Mfowethu Sumner na? Yena uke wabhaphathizwa ngaphambilini, “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Enelisekile ukuthi leli yiQiniso, yena uza kulokhu ukusa esuka le eGeorgia, ukuba aphinde abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kulokhu ukusa kwePhasika, evuma ukukholwa kwakhe eNdodaneni kaNkulunkulu. Yenyuka ngqo ngapha, Mfowethu Sumner, bese ugaxa izingalo zakho kweyami. Asikhuleke.

¹⁴³ Nkosi Nkulunkulu, njengoba ngimbhaphathiza ngamanzi, ngikhulekela ukuthi Uzomgcwalisa ngoMoya oNgcwele noMlilo. Lensizwa, impilo ehlukaniselwe, Nkosi, yithumele emasimini ezimishini ndawondawo, ukwenza umsebenzi waKho.

¹⁴⁴ Naphezu kokuvuma kokukholwa kwakhe eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, mfowethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. UNkulunkulu akubusise, mfowethu oyiqhawe.

(UnguDadewethu... [Udade uthi, “Sumner.”—Umhl.] Ngabe lowo ngumyeni wakho na? [“Yebo.”] Awu, kuhle kanjani! Ngizothemba ukuthi uNkulunkulu uzo—uzobusisa.)

¹⁴⁵ Lona nguDadewethu Sumner, ninyaqonda. Lowo bekungumyeni wakhe osanda kubhaphathizwa nje emizuzwaneni embalwa edlule. Sidedela abantu bame imizuzu embalwa, ukuze bawajwayele amanzi. Kulungile, Dadewethu Sumner, uma nje uzogaxa izingalo kweyami. Ngikhulwa ukuthi uma nje uzoshintshanisa lokhu *kanje*, Dadewethu Sumner, kungaba ngcono. Asikhuleke.

¹⁴⁶ Nkosi Nkulunkulu, njengoba uDadewethu Sumner eza manje uku—ukulandela ngombhaphathizo, iNkosi yethu noMsindisi. Elandela umyeni wakhe, kufaneleke kanjani! Bengingakwazi lokho. Kodwa ukulinda kuze kube yilesosikhathi, lokho kufanele ukuthi bekuyintando yaKho emiselwe, Nkosi, nendlela yaKho yokwenza izinto, ukuze akwazi ukulandela umyeni wakhe, futhi, ngokuba uyisibonelo kuye. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzombusisa futhi wahlukanisele impilo yakhe. Futhi kwangathi bangaphila isikhathi eside, izimpilo ezijabulisayo ndawonye, bekhulisa abantwanyana babo futhi beKukhonza. Njengoba eza manje ukuba abhaphathizwe, ngikhulekela ukuthi Uzomupha isifiso senhliziyo yakhe.

¹⁴⁷ Phezu kokuvuma kokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Amen.

(Okokuqala ukuba uke ubhaphathizwe, Dadewethu Sothmann na?)

¹⁴⁸ Lona ngomunye wonkosikazi womngane wami wesifuba othandekayo, uMfowethu Fred Sothmann waseHughton, eSaskatchewan, eCanada. UDadewethu Sothmann, ungumuntu othandeka kakhulu, owesifazane ozahlukanisele, umama wangempela, unkosikazi wangempela nesithandwa senhliziyo kumngane wami, uFred. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu abusise uDadewethu Sothmann, futhi amuphe sonke isipho soMbuso asifisayo.

¹⁴⁹ Ungabeka ingalo yakho khona lapha. Ngikholwa ukuthi lokhu bekungaba kuhle ukwedlula konke, Dadewethu Sothmann, kuthathe ngqo *kanje*. Bese kuthi-ke lena ngaphansi, *kanjalo*. Asikhuleke.

¹⁵⁰ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, ngiqinisekile nje ukuthi Umi ndawondawo kulendawo lapha kulokhu ukusa, ubuka lokhu, ngokuba akukho-muntu ongenza noma yini eGameni laKho ngaphandle kwaKho wazi ngakho. Uyakubona ukukholwa kwalona wesifazane nokuzahlukanisela kwakhe. ngikhulekela ukuthi Uzombusisa yena noMfowethu Fred, ndawonye, kwangathi bangaphila isikhathi eside, izimpilo ezijabulisayo, beKukhonza. Siphe khona, Nkosi. Futhi njengoba efikile manje ngenhliziyo ezinikele egcwele, nokuzehlukanisela, ukuba abhaphathizwe ngendlela abaphostoli ababhaphathizwa ngayo, ngendlela ababhaphathiza ngayo.

¹⁵¹ Ngakho-ke, phezu kokuvuma kwakhe kokukholwa kwakhe eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(Uthi ukuba namaqhubu ohlevane na? Ungubani igama lakho na? UHudgins.)

¹⁵² UDadewethu Doris Hudgins. Uvelaphi, Dadewethu Hudgins na? ENew Albany. Uza kulokhu ukusa ukuba abhaphathizwe eGameni loMsindisi wakhe. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu waseZulwini ingambusisa futhi imenze isibusiso eNew Albany, lapho ayobuya khona.

¹⁵³ Beka—beka lengalo ngaphansi *kanje*, kwingemuva. Kulungile. Gcina umfo omncane khona lapho umzuzwana nje, ngize ngimbhaphathize. Lokho kuyabanda impela entombazaneni encane. Ngabe udadewenu omncane lowo na? O, lokho kuhle kakhulu. Umzuzwana nje, sizokunakekela. Asikhuleke, nizokwenza na?

¹⁵⁴ Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle zokomoya nezenyama, yipha lona wesifazane impilo enhle, amandla okuqina, injabulo, nazo zonke izibusiso zokomoya Omgcinele zona. Awuthandi ukuba aswele lutho. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzomupha khona, Nkosi, kuye,

njengoba ezahlukanisela yena uqobo, ekulandeleni Wena kulelithuna elineqhwa kulokhu ukusa. Nkulunkulu, siphe khona.

¹⁵⁵ Futhi phezu kokuvuma kokukholwa kwakho, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Makabongwe uNkulunkulu!...?...

(Futhi wena, ngabe uyakweywayela kancanyana na? Angahle akwesabe kancane. Ubani igama lakho, s'thandwa na? Blade? Ngabe uyi...ngabe abantu bakini abasanda kubhaphathizwa na?)

¹⁵⁶ UMary Alice Blade omncane. Uneminyaka emingaki, s'thandwa na? Iminyaka eyishumi nanye ubudala. Kwangathi iNkosi ingabusisa lomntwana omncane, imuphe ubuqotho nesifiso, isifiso esiqotho senhliziyo yakhe, ngumkhuleko wami. Ungenyukela lapha. Mary Ellen? Mary Alice. E-hhe. Kulungile, mnumzane. Asikhuleke.

¹⁵⁷ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalomntwana lapha, esikhathini sokuguquka kwempilo. Kwangathi thina, uyaqhubeka kulomgwaqo oholela ekuPhileni. Siphe khona. Njengoba efikile kulokhu ukusa, evuma izono zakhe, futhi evuma ukuthi unokukholwa kuJesu Kristu Owafa ukuba amsindise kulezozono, uya kulelichibi elineqhwa, ukuba abhaphathizwe eGameni loMsindisi wakhe. Siphe, Nkosi, ukuthi uMoya oNgewele uzobe uhamba phezu kwamanzi lapho ekhuphuka esuka lapha, futhi uqhubekele phambili inhliziyweni yakhe, futhi ungalokothi umshiye, kusukela manje kulolonke iPhakade. Siphe khona, Nkosi.

¹⁵⁸ Ekuvunyweni kwezono zakho, nokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(Kulungile, mnumzane. Awumi ngani isikhashana futhi ngivumele ngithole omunye lapha.)

Ngabe lokho...? Ngabe ukhona omunye futhi ozayo ukuba abhaphathizwe na? Ngabe uzofanele ubhaphathizwe, dade na? Kulungile. Wena uyeza, s'thandwa, ukuba ubhaphathizwe na? Enye intombazanyana ezayo nayo na? Kulungile. Mabawejwayele kancanyana, mabahambe bathule kancane nje, kuzolunga, bame bathule nje ngempela. Futhi ake intombazanyana ivele ihambe yedlule, ihambe isinyathelo esisodwa ngesikhathi, lapho ingena. Yima nje ngalapho ngqo, manje, kancanyana. Futhi ake omunye akwenze.

(Ungubani igama lakho, dadewethu na? UDorothy bani na? Darlene. Awu, uvelaphi, Darlene na? Ezansi eKentucky.)

¹⁵⁹ Lona nguDarlene Wilcoxson omncane, waseKentucky. Uyafika kulokhu ukusa, ekuvumeni kokukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, ukuba abhaphathizwe eGameni leNkosi noMsindisi wethu, uJesu Kristu. Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa. Ngiyathanda ukubona lababantwana abayinjeane bengena, ngoba, uma likhona ikusasa, lona kuzoba yizisebenzi zakusasa. Futhi, kulungile, inenekazi elincane elithandekayo, khona impela eminyakeni lapho uSathane abengakwazi ukuqeda impilo yalo encane futhi alenze i—ihlazo. Lithathe umgwaqo ofanele. Hlala kuwo, Darlene, uJesu aze akukhulule. Beka isandla esisodwa nje *kanje*. Futhi, ngiyakholwa, Darlene, *kanje*, s’thandwa, bese kuthi-ke esinye ngale ngqo *kanjalo*. Lokho kulungile. Asikhuleke.

¹⁶⁰ Nkulunkulu onomusa, Owadala amaZulu nomhlaba, futhi wanikela zonke izinto ngesihle ngoJesu Kristu, siyaKubonga kulokhu ukusa ngenhlanhla esinayo yokuholela lababantwana kuWe. O Nkulunkulu onoMusa, gwalisa lempilo encane. Futhi kwangathi udeveli angemthinte! Kwangathi angaba yinceku yaKho zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Siphe khona, Nkosi. Njengoba eqale kulokhu ukusa, emi kulelithuna elineqhwa, ehlela lapha, ekholwa ukuthi uJesu Kristu wafela izono zakhe, futhi wenza ukuvuma esidlangalaleni ngakho manje. Ungalibhali igama lakhe kuphela kulelishidi lombhaphathizo, kodwa kwangathi lingaba seNcwadini yokuPhila. Kwangathi angaphuma ngalolosuku, ecwebezela njengegolide. Siphe khona.

¹⁶¹ Phezu kokuvuma izono zakho, nokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁶² (Kulungile. Ubani igama lakho na? U-Emily...? Plade.) Intombazanyana enomoya omuhle kanje pho lena, u-Emily Plade omncane. Ukukholwa okunje pho...[Umfowethu uthi, “Blade.”—Umhl.] Blade. O, uyi...omunye we...Lowo bekungadadewenu osanda kubhaphathizwa, uyisithandwa esincane.

Ngani, omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, “Mfowethu Branham, ubabhaphathizelani abantwana na?”

UJesu wathi, “Vumelani abantwana abancane beze kiMi.” Lokho ngukuthi, *vumela*, “ma” beze.

Uthi, “Awu, akazi ukuthi wenzani.”

¹⁶³ Ubezokwazi uma enze okungalungile, ubengeke na? Nicabanga ukuthi lowomntwana ubengeke azi lapho enze okungalungile na? Uma esemdala ngokwenele ukwazi lapho enze okungalungile, usemdala ngokwenele ukwazi lapho enze okulungile. Ukuba-ke kukhona okwenzekile kuye, futhi ngangimenqabele na? Manje-ke, lelogazi beliyoba sezandleni zami ngoSuku lokwaHlulela. Yebo, mnumzane. Akunandaba

ukuthi baneminyaka emingaki lapho wena...lapho befuna ukuza, bavumele beze.

¹⁶⁴ Uyamthanda uJesu na? UzoMkhonza na? Uyazi ukuthi liyini lelichibi kulokhu ukusa na? Yilapho Afela khona, wembelwa, phansi kulelithuna elibandayo ngempela; kodwa Wavuka futhi, uNkulunkulu waMkhuphula. Ngolunye usuku, s'thandwa, uyophuma, nawe. Uyamthanda uJesu, futhi uMkhonze zonke izinsuku zokuphila kwakho. Manje asikhuleke.

¹⁶⁵ Nkosi, kulotshiwe, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo." Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa lomntwana omncane. Njengoba ngimbhaphathiza ngamanzi, futhi Wena mbhaphathize ngoMoya, Nkosi, ufikile, uyakholwa, uze ngentando yakhe uqobo, futhi ngiyambhaphathiza ngokweZwi laKho.

¹⁶⁶ Ekuvunyweni kwezono zakhe, nokukholwa kwakhe eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

(Uqhuba kanjani na? Uqhuba kanjani, s'thandwa, kulungile na? Ubani igama lakho na? Kulungile. UDobson? URobison.)

¹⁶⁷ Lona, nguDadewethu Robison omncane oza ukuzocwiliswa eGameni loMsindisi wakhe, iNkosi uJesu. Asi, kthothamise amakhanda ethu manje sisakhuleka. Beka izingalo zakho khona *lapha*, s'thandwa.

¹⁶⁸ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke iziphondo ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwenenekazi elincane. Njengoba liza kulokhu ukusa livuma izono zalo, futhi likholelwa eNdodaneni kaNkulunkulu, yipha, Nkosi, ukuthi lizogcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi kwangathi lingathatha lowomgwaqo olungile, futhi liqhubeke kuwo, lize likhuleleke kulokhu kuphila. Siphe khona, Nkosi. Mnike izibusiso zempilo yakhe.

¹⁶⁹ Manje, phezu kokuvuma izono zakho, nokukholwa kwakho eNdodaneni kaNkulunkulu, ngiyakubhaphathiza, dadewethu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Amen. Amen. Mayibongwe iNkosi!

(Ngeviki elizayo. Yebo.)

(Wena wesaba kancane ukuphumela lapha, s'thandwa? Hhe? Ukuphi umama na? E-hhe. Ucabangani, ufuna ukukuzama na? [Umama uthi, "Awu, kukuye nje. Ubelokhu engincenga, futhi ngizamile ukumxosha kukho."—Umhl.] Uyafuna ukubhaphathizwa, s'thandwa na? Hhe? Uyafuna, s'thandwa na? Ufuna ukuza noMfowethu Branham emanzini na? Uyesaba ukuphuma na? Hhe? Uyafuna ukuza, s'thandwa na? Uyafuna—uyafuna, uphumele lapha na? Kulungile, sisi, kungahle ku—kwesabise kancanyana kuye. Mnike lokho.)

(Manje, ngabe—ngabe ukhona omunye phakathi lapho na? Lowo... Ngabe ukhona omunye ngakulelicala na? Kulungile, dons a ikhethini lapho. A-hha. Kulungile.)

¹⁷⁰ Intombazane encane ebimi lapha manje nje ukuba ibhaphathizwe, ibifuna ukubhaphathizwa, kodwa ibisaba ukuthi amanzi abebanda kakhulu kuyo. Futhi ngakho unina wathi... Awu, wangibuza ukuthi bengicabangani. Ngathi, “Mhlawumbe uma ibiyokwesaba, bengingefune ukuyesabisa.” Niyabo? Futhi ibincane kakhulu, empeleni. Kodwa ukhuluma ngokuthi ifuna ukubhaphathizwa, ngakho wacabanga ukuthi ibizolinda kuze kube ngumbhaphathizo olandelayo, mhlawumbe amanzi abeyothi ukufudumala kancane. Ngakho lokho kumnandi kakhulu, nomama. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu... .

Asikhulekele intombazane encane.

¹⁷¹ Nkosi Jesu, siyaKubonga ngaleyonto encane. Futhi kuyi... . Kufanele kube ukusola kubantu abadala, ukubona lokho, lapho leyohliziyo encane ithambile futhi isencane, ifuna ukuza. Incane kakhulu, Nkosi, kukhombisa ukuthi Ungabhekana nenhliziyo lapho ithobeka futhi ilula. Kwangathi kungaba yisibonelo, Nkosi, ukuthi Ungasebenzana nabantu. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoba nentombazane encane, futhi uyisize. Kwangathi ingakhula, futhi iqine nokuba nkulu, iye lapho ingabhaphathizwa khona eGameni leNdodana yaKho. Siphe khona, Baba.

¹⁷² Futhi manje kulaba, Baba Nkulunkulu, ababhaphathiziwe, njengoba ngisasele lapha emanzini. NoMoya waKho—waKho ubulapha; sibone lamantombazane amancane ephakama, nabafana abancane, nezandla zabo zisemoyeni, beKudumisa. Sibonga kakhulu ngalokhu, ukwazi ukuthi uMoya oNgcwele useduze, busisa, Nkosi. Busisa labo akade belindile, obaba nomama, abathandekayo, abayeni, amadodakazi, o—omama, nabanye. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa bonke.

¹⁷³ Futhi manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosinika ukuphumula kulentambama. Futhi ngisize njengoba ngingena kulowomugqa wokubona okufihlakele kulentambama nakulobubusuku, ukuthi uMoya oNgcwele uzo... . Emva kokuba sesenze lezizinto, kwangathi kungaba ngukunqoba okukhulu kunakho konke esesake saba nakho etabernakele, kulobubusuku. Kwangathi kungaba namandla angakhulumekiyo, lapha etabernakele, ukuphulukisa bonke abagulayo nabahluphekile. Siphe khona, Nkosi.

¹⁷⁴ Siyakhuleka futhi sizahlukanisele thina uqobo. Futhi ngimi lapha kuleli—lelithuna elinamanzi kulokhu ukusa, ngiphinda ngiyazehlukanisela kuWe, Nkosi. O Nkulunkulu, uma kukhona noma yini kimi Ongayisebenzisa, kuthathe. UMfowethu Neville, nathi sonke ndawonye, njengabefundisi, noma abadikoni,

njengesisebenzisana nabo eVangelini, sizahlukanisela Wena, O Nkulunkulu. Sisebenzise, Nkosi. Siphe ukuvuka okusha enhliziyweni yethu, ngesehlakalo. Sithumele ngaphandle, sigcotshwe ngoMoya oNgcwele, ukuze senze umsebenzi kaNkulunkulu ophilayo. Sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

Inkonzo ngeyakho, Mfowethu Neville. 

59-0329M Umbhaphathizo Wamanzi
EBranham Tabernakele
EJeffersonville, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org